# BANUMZANE, SITHANDA UKUBONA UJESU

. . . kulobubusuku, eBloomington. Bengikubheke ngabomvu lokhu ukuza iminyaka emibili edlule. Kade ngizizwa ngiholeleka ukuba ngingene kulengxenye yezwe, engiqondayo ukuthi abaningi babavangeli ubengekho lapha, abanye babavangeli abavelele besizwe abakaze bangene kulelizwe. Futhi ngicabange ukuthi kuyoba yinto enkulu, lapho ngizwa ukudonsa ngamandla kukaMoya oNgcwele ukuba eze futhi akhonze nalaba bazalwane kulobubusuku obuyisishiyagalombili lapha, eGameni leNkosi, ukuba size futhi sibeke engxenyeni yethu yokukhukhula, ukukhukhula imiphefumulo. Futhi lowo ngumsebenzi wethu wokuba lapha, ngukuzama ukubona iBandla likaNkulunkulu likhula emandleni aLo, nasebulungwini baLo, nasenkazimulweni yoMbuso kaNkulunkulu.

2 Bese kuthi-ke, sikhulekela abagulayo, leyo yingxenye yeVangeli njengoba iNkosi yethu uJesu isitshelile ukuthi sifanele siye ezweni lonke futhi sishumayele iVangeli, futhi sikhulekele abagulayo. Futhi sinalobubusuku emikhankasweni yethu esikhulekela abagulayo. Asizisho ukuthi singumphulukisi manje, sizisho nje ukuthi sikhulekela abagulayo, njengoba kwenza noma ubani omunye.

3 Sikholwa ukuthi konke lokho uNkulunkulu angakwenzela khona sekuvele kuthengelwe wena eKalvari. Ngenkathi Efa eKalvari Waqeda icebo lensindiso, ukuhlengwa komphefumulo nomzimba. Futhi manje sikhipha isiBambiso sensindiso yethu, okunguMoya oNgcwele, futhi khona-ke futhi sine—nesiBambiso sokuvuka kwethu, lokho ngukuthi, ukuthi lapho imizimba yethu igula, uNkulunkulu unguMphulukisi wethu. Ngikholwa ukuthi kuphezu komsebenzi osuqediwe owaqedelwa thina eKalvari, eminyakeni ethile engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye edlule, ngenkathi uKristu wasifela ukuba asihlenge kulezizinto.

4 Angikholwa ukuthi ukhona ongathethelela izono, ngaphandle uma kuyisono esibalelwa kubo. Uma wonile kimi, bese-ke ungicela ukuba ngikuthethelele, bengingakwenza lokho, futhi bengiyokwenza. Kodwa ngiyakukholwa lokho, izono ozenze kuNkulunkulu, ukuthi uNkulunkulu nguYe kuphela ongathethelela lezozono.

5 Futhi ngikholwa ukuthi ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kusekeleke phezu kokukholwa, njengensindiso nje, ukuthi siyakholwa ukuthi Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu,

ngemivimbo yaYo saphulukiswa thina. Niyaqaphela umphostoli uPetru ukubeka enkathini edlule, "*Sa*phulukiswa." Yinkathi edlule, njengensindiso nje iyinkathi edlule. Ngenkathi uJesu efa eKalvari, Wasindisa umhlaba wonke. Sonke isidalwa esingumuntu, esiyoke sibe semhlabeni, umbuzo wesono waxazululwa kwaba kanye ngenkathi uJesu efa. Kodwa akusoze, awusoze waba yindlalifa yalepholisi uze ukwamukele.

6 Futhi akukho ongakwenza ukuba ukufanele, kuyinto engafanelwe uNkulunkulu akwenzele yona. Futhi kwemukele nje ngokukholwa, ebululeni bokukholwa uNkulunkulu ukwenze ukuze sonke sikwazi ukufinyelela kukho. Ocebile noma ompofu, ongafundile noma ofundile, sonke singakwemukela ngoba kuseduze kwethu sonke, ngobulula nje obunjengobuntwana ukukholwa ukuthi "Umsebenzi osuqediwe eKalvari wangihlanganisa nami."

7 Futhi okufanayo kwenza ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu ukuthi sikholwa ukuthi ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kuyinto ethize uKristu asithengela yona eKalvari, kungumkhiqizo osuqediwe kaNkulunkulu, futhi into kuphela esiyenzayo ngukuwemukela ngokukholwa, uwukholwe. Yingalesosizathu sikubiza ngokuthi, "uphulukiswe ngokukholwa," ngoba yilokho okuyikho. Ngakho-ke bekungeke kube kumuntu ngamunye, noma yimuphi umuntu u*nento ethize-enye* ebingaphulukisa omunye umuntu.

8 Ngokusobala, akukho lutho olungakuphulukisa ngaphandle kukaNkulunkulu, "NgiyiNkosi ephulukisa zonke izifo zakho." UmBhalo awunakuphosisa futhi ungephulwe. Ngakho, ngakho-ke umuthi awuzisho ukuthi uyaphulukisa. Umuthi, asimelene nomuthi, umuthi ungoweNkosi. Kodwa umuthi ungeke uphulukise, umuthi kuphela u—ungasiza imvelo ecebweni lobuNkulunkulu likaNkulunkulu lokuphulukisa. Awukaze ubekhona umuthi owake waphulukisa noma ubani, akukho dokotela ozokutshela lokho.

9 Ngoba, ngaxoxisana neMayo Brothers esikhathini esedlule, nge*Reader's Digest* ibhala leyondatshana ethi *The Miracle of Donny Morton*. Futhi engxoxiswaneni, bathi, "Asizisho ukuthi singabaphulukisi, Mnu. Branham, sizisho kuphela ukuthi sisiza imvelo. Munye uMphulukisi, lowo nguNkulunkulu."

10 Isibonelo nje, uma ngephuke ingalo yami, futhi ngaya kudokotela, ngase ngithi, "Mphulukisi omkhulu, phulukisa ingalo yami, ngifanele ngiqhubeke nomsebenzi wami."

11 Ngani, ubeyothi, "Udinga ukuphulukiswa kwengqondo." Kunjalo, uma bengingasho inkulumo-mbiko enjengaleyo. Manje, angakubeka, emsebenzini wakhe wesayense angayihlela ingalo, kodwa angeke ayiphulukise ingalo, ngoba ukuphulukisa kungukuphindaphindeka kwamangqamuzana, futhi lokho

kungenziwa kuphela ngokuphila noNkulunkulu; UNkulunkulu ungukuphila.

12 Futhi uma nginquma isandla sami, futhi ngawa phansi ngafa, bangahle bafake umuthi esandleni sami esisikiwe, bebenganginika imijovo kazifo zonke, futhi, iminyaka ngeminyaka, futhi lokho bekungeke kuphole. Uma bebengagqumisa umzimba wami ukungenza ngibukeke ngingowemvelo iminyaka engamashumi amahlanu, bengiyothi, bekungeke kuphulukise, ngoba akukho khwalithi yokuphulukisa emuthini, umuthi ubulala kuphela igciwane futhi ukugcine kuhlanzekile ngenkathi uNkulunkulu ephulukisa. Niyabo?

13 Manje, umuthi wenziwa . . . Bengihlale ngisho ukuthi umuthi ongaphulukisa ukusikeka esandleni sami, ubungaphulukisa okukodwa ebhantshini lami. Futhi omunye ubeyothi, "Awu, manje awume kancane, umuthi ubungesiwo owebhantshi lakho, ubungowomzimba wakho."

14 Awu manje-ke, kungani kungaphulukisi-ke, emva kokuba ukuphila sekuphumile lapho na? Kungani kungaphulukisi-ke, uma kungokomzimba na? Niyabo? Bekuyokwenza kakhulu impela nje ukuphilisa *lapho*, njengoba bekungenza *lapha*, uma bekungokomzimba, bekuyophulukisa umzimba.

15 Kodwa wena uthi, "Awu, lokho kuphila kuzofanele kube lapho." Kunjalo, ngakho-ke ukuphila nguNkulunkulu, noNkulunkulu unguMphulukisi. Niyabo? Ngakho konke kubuyela ngqo emuva, uNkulunkulu unguMphulukisi.

16 ImiBhalo ayiZiphikisi. Futhi akukho-mBhalo eBhayibhelini oZiphikisayo; ngikubuzile lokho iminyaka ngeminyaka. Akukho-mBhalo, akukho nkulumo-mbiko engaziphikisa, ngaphandle uma kungaqondiswa nalo lonke iZwi likaNkulunkulu ukukuhlanganisa ngokufaneleyo. UJesu abonga uNkulunkulu ngakho, ukuthi kwakufihliwe emehlweni abahlakaniphileyo nabanokuqonda, futhi kuyokwembulwa ezinganeni zona eziyofunda. Niyabo? Manje, sifanele sizithobe kulokhu, sifanele silahle imibono yethu ngakho, sifanele semukele icebo likaNkulunkulu ngakho, yileyondlela kuphela oyoke ukwazi ukufika noma yikuphi noNkulunkulu ngensindiso yomphefumulo noma umzimba, kuzofanele kufike ngecebo elihlinzekwe nguNkulunkulu.

17 Manje, uma unomthombo ophethuzayo *ngapha* kwentaba, amanzi aphethuzayo ngezigidi zamagalane ngehora, nesitshalo ngakolunye uhlangothi sivuthela amanzi, manje, ubungama futhi udazuluke uze ukhiphe amathansela akho, futhi ubunga . . . futhi udazuluke, "O, manzi amakhulu, woza ngapha futhi unisele ukudla kwami okusanhlamvu," ngeke kukwenze, qhabo, mnumzane, kuzohlala khona lapho, kodwa uma uzosebenza ngokwemithetho yamandla adonsela phansi,

futhi uthole lamanzi ukuba eze ngasentabeni futhi unisele ukudla kwakho okusanhlamvu, kuzokwenza, uma uzosebenza ngokwemithetho.

18 Manje, kunogesi owenele kuleligumbi ukukhanyisa igumbi, uma bekuyikho ngokuyikho, futhi sengathi bekungaba phandle ensimini enkulu lapho kumnyama khona. Futhi siyazi ukuthi uFranklin, kanjalonjalo, ukufakazisile lokho, isayense, ukuthi ugesi usemoyeni. Manje, thatha intambo yethusi, bese uyiphakamisa, uyiwise phansi, futhi wena . . . okuvimbayo, ugesi uzocosha, uze ucishe impela ukhanyise umhlaba, ukuba bekuphakeme ngemayela emoyeni, bewuyokokhela umhlaba.

19 Manje, ubungama phandle kuleyonsimu futhi udazuluke kakhulu njengoba ufisa, "Ngilahlekile, ngilahlekile! Gesi omkhulu, woza manje futhi ukhanyise phezulu le, ukuze ngibone ukuthi ngingangena kanjani ngiphume kulobubumnyama," awusoze wakwenza. Kodwa uma uzosebenza ngokwemithetho kagesi, ngani, uzokhanyisa phezulu le, ukuze ukwazi ukuphuma. Kodwa ufanele usebenze ngokwaleyomithetho.

20 Manje, uNkulunkulu unomthetho, futhi. Futhi kukhona ukuphulukisa nensindiso ekuzimiseleni kukaNkulunkulu ngawe, uma uzosebenza ngokwamacebo aKhe, nemithetho yaKhe kokunjalo. Ngakho yileyondlela esifanele sihlele ngayo umhlangano, yileyondlela . . . Izikhathi eziyisikhombisa emhlabeni jikelele, ngike ngaba kuzo zonke izinhlanga ezehlukene, izinhlobo zabantu ngamashumi ezinkulungwane, ngibone izinto ezinkulu iNkosi yethu ezenzile, kodwa ngiyaqaphela njalo ukuthi kubiza abantu abazozithoba, futhi babeke eceleni imicabango yabo uqobo ngakho, futhi nje bathathe umcabango kaNkulunkulu ngakho, futhi usebenze ngokwecebo laKhe, okungukukholwa kulokho Akusho.

21 Manje, siyakholwa ukuthi uNkulunkulu unguNkulunkulu uSomandla. Lapha ekholiji lamaKristu, nakulezizinkundla, futhi nabantu abangamaKristu, ngineqiniso ukuthi sonke besingathi ngobuqotho, "Amen," kulokho, ukuthi uNkulunkulu unguNkulunkulu, UnguNkulunkulu ofanayo, uma Engesuye, Akazange abe nguNkulunkulu. Uma E . . . NalowoNkulunkulu ungongenasiphelo. Ungongenasiphelo, osezindaweni zonke, owazi konke, onamandla onke; UnguNkulunkulu. Uma lezozimfanelo zingekho kuYe, Akasuye uNkulunkulu. Futhi UngoPhakade Omkhulu. Akazange aqale, Akasoze aphela.

22 Futhi kuphela, noma yini enesiqalo inesiphelo, yilezozinto nje ezingaqalanga, ezingenasiphelo, lokho kuPhakade. IPhakade alinasiqalo noma isiphelo. Futhi indlela kuphela esingaba nokuPhila okuPhakade ngayo ngukwemukela ingxenye yaKhe kithi, nalokho kusenza amadodana namadodakazi sinokuPhila kukaNkulunkulu kithi. Khonake sinokuPhila okuPhakade, njengoba singamadodana

namadodakazi kaNkulunkulu, ngakho-ke siPhakade noNkulunkulu, lapho semukela ukuPhila okuPhakade. Yinye kuphela indlela yokukwenza, lokho ngukuzalwa nguMoya oNgcwele. Indlela kuphela esingaba nokuPhila okuPhakade ngayo ngukuzalwa nguMoya waKhe.

23 Manje, manje-ke uma uNkulunkulu, engongenasiphelo, futhi Une . . . khona-ke Uphelele, Anga . . . futhi uma uNkulunkulu eke wabizelwa enkundleni ukuba enze isinqumo entweni ethize, uma indlela Enza ngayo isinqumo saKhe sokuqala, manje ningakukhohlwa lokhu, njengoba izinkonzo ziqhubeka, indlela Enza ngayo isinqumo saKhe sokuqala, isinqumo saKhe esilandelayo sizofanele sibe yinto efanayo, futhi zonke izinqumo Ake azenze emva kwalokho zizofanele zifane. Uma Ekuguqula, khona-ke Wenza iphutha ngenkathi Enza isinqumo saKhe sokuqala.

24 Niyabo, singabanesiphelo, thina, ngingasho, into ethize, ngifanele ngikuhoxise, ngoba ngingumuntu. Ohlakaniphe kunabo bonke bethu uzofanele akuhoxise unyaka nonyaka.

25 Eminyakeni engamakhulu amathathu eyedlula, usosayense ongumFrentshi wakufakazisa lokho ngokugingqa ibhola phezu kwembulunga, futhi wathi uma—uma i . . . u—umuntu engake, akwazi ukuthola amandla asabekayo amamayela angamashumi amathathu ngehora, amandla adonsela phansi afakazisa ukuthi wayezosuka emhlabeni.

26 Manje, ngiyanitshela, isayense ngeke ibuke emuva futhi isho abakushilo, ngoba bahamba cishe amamayela ayizinkulungwane ezimbili ngehora manje, futhi e . . . ukuhlala emhlabathini cishe ngamamayela angamakhulu amane noma amahlanu ngehora. Niyabo? Ngakho babengenakubheka emuva kulokho abakusho. Kodwa nokho, kwakungubufakazi besayense ukuthi bona, ngandlela thize, babegingqa ibhola, futhi ngalelojubane, bathi amamayela angamashumi amathathu ngehora kwakuyomphakamisa asuke emhlabeni. Manje, benginga . . . Lokho kuyinhlekisa namhlanje. Ngakho siyathola, ukuthi kulokhu, sifanele si . . . Labo bafo babenesiphelo, lokho kwakungokwedlula konke ababekwazi ukuthi kanjani, bengingeke ngiyilahle leyondoda ngalokho, lokho bekungokukwedlula konke eyazi ukuthi kanjani. Kodwa niyabo, izofanele iguqule imibono yabo manje, ngoba kwakungalungile kwasekuqaleni, kodwa lowo ngeke kwaba nguNkulunkulu.

27 Uma uNkulunkulu esho noma yini, Akanasiphelo, futhi lokho "kuphelele." Uma uNkulunkulu ake abizelwa enkundleni ukusindisa umuntu ebiza umphefumulo wakhe olahlekile, futhi uNkulunkulu wamsindisa phezu kwezisekelo ezithile zamaqiniso, isimemezelo samaqiniso, khona-ke uma lawomaqiniso afanayo kuhlangatshezwana nawo ngumuntu olandelayo, futhi ngawo wonke umuntu osondela

kuNkulunkulu, Uzofanele asebenzise inqubo efanayo. Futhi Uzofanele, uma lezozidingakalo zenziwa, khona-ke uNkulunkulu uzofanele enze ngendlela efanayo, uma Engenzanga Wenza iphutha ngenkathi Esindisa umuntu wokuqala.

28 Futhi uma umuntu ephulukiswa phezu kwezisekelo zokukholwa kwakhe, umuntu, umuntu ogulayo wabizwa kuNkulunkulu, nalendoda egulayo, ngenkathi ebiza uNkulunkulu, uNkulunkulu wamphulukisa ngenxa yokukholwa kwakhe, uma omunye umuntu ebiza uNkulunkulu, esebenzisa lokho kukholwa okufanayo, uNkulunkulu uzofanele enze ngendlela efanayo. Niyabo? Ngakho ngizama ukunenza nibone.

29 Kuningi kakhulu emazweni namhlanje okungaphansi kwegama nezigameko zokuphulukisa ngokukaNkulunkulu obengafanele neze abe sensimini. Kuwuhlobo oluthize lwedlingozi, futhi—futhi ungadukiswa amadlingozi, kodwa iZwi liyiLokho okumile, iZwi likaNkulunkulu eliPhakade. UNkulunkulu akangcono kuneZwi laKhe, noma akekho omunye ongengcono kunezwi labo, ngakho kubuyela eZwini.

30 Manje, angiqondile ukusho ukuthi uNkulunkulu akazenzi izinto Angazibhalanga eZwini laKhe. Ubengenza noma yini Ayifisayo naye, lowo nguNkulunkulu. Kodwa uma nje ngizo . . . Kunenqwaba ebhalwe *Lapha* yenzelwa mina, uma nje ngingenza *lokhu* kufezeke, lokho, izethembiso Azinikezayo, khona-ke ngiyazi, kungesekelwa yiZwi likaNkulunkulu, ngakho nguNkulunkulu, yilokho kuphela.

31 Manje, sizokukhumbula lokho njengoba siqhubeka. Khumbulani uNkulunkulu ungongenasiphelo, Angeguquke, Unguye izolo, namuhla, naphakade; Uzofanele ahlale ngaseZwini laKhe. Uma uNkulunkulu . . . Uma *Leli* kungesilo iZwi likaNkulunkulu, khona-ke ibandla eliKatolika liqinisile ngokuphelele, yibandla esikhundleni seZwi. Kodwa uma *Leli* kuyiZwi, eNcwadini yeSambulo, isahluko 22, uNkulunkulu wathi, "Oyosusa iZwi kuLeli, noma enezele noma yini kuLo, okufanayo kuyosuswa isabelo sakhe eNcwadini yokuPhila." Ngakho *Leli* yiQiniso.

32 Manje, ngingahle ngingabi nakho ukukholwa ukukwenza konke kufezeke, njengo-Enoke owayekholelwa kuNkulunkulu kakhulu, kwaze kwathi ngenkathi ethatha uhambo lwantambama naYe, futhi nje wakhathala ukuhlala emhlabeni, futhi wenyukela eKhaya naYe, ngingahle ngingabi nalo lolohlobo lokukholwa, kodwa angisoze ngama endleleni yomunye umuntu, onalolohlobo lokukholwa, ngiyo—ngiyobonga kuNkulunkulu ngomuntu ongathatha ukushaywa umoya kwantambama, futhi angadingeki ukuba afe, futhi aqhubeke akhuphuke ngqo naYe. Benginga—ngifisa sengathi benginakho lokho kukholwa, ngethemba ukuba nakho

ekupheleni komgwaqo, noma, ngaphambi kwalesosikhathi, uma ngingaphumelela.

33 Ngakho esinakho, silapha ukudonsa ndawonye, hhayi into ethize entsha, kodwa iVangeli elifanayo ebelishunyayelwa kini sonke isikhathi, lapha nje ukufaka inetha lami nalababafowethu lapha, futhi sidonse ndawonye, njengeqembu labantu ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu, ukunikeza impilo entsha eBandleni, ukubeka inkonzo yami nenkonzo yalamadoda. Asehlukene, singabazalwane. Futhi asikho lapha ukuba senezele okuthize kukho, noma sisuse okuthize, silapha ukukhulisa lokho osekuvele kushunyayeliwe, nalokho esikukholwayo, njengabantwana bakaNkulunkulu ophilayo.

34 UJesu wathi, "UMbuso ufana nomuntu owaya olwandle, futhi waphonsa inetha, ngenkathi ekhipha, wayenazo zonke izinhlobo." Yilokho inetha leVangeli elikubambayo, libamba i, zonke izinhlobo: izimfudu, amaxoxo, izinyoka, izibankwa, nakho konke. Inetha leVangeli lizokwenza lokho. Akusiwo umsebenzi wami ukusho ukuthi yikuphi okuyikho noma akekho omunye, nguNkulunkulu owenza isinqumo. Lowo nguNkulunkulu.

35 Kodwa nje ngi. . .Enye indoda emi ekhoneni, idoba, iphosa inetha layo phakathi futhi idonsa, omunye umuntu uyafika futhi ayisize, yilokho nje engikwenzile lapha eBloomington, ngukuza, ngoba ngizwe ngiholwa nguMoya oNgcwele ukuba ngize, nokubeka inetha lami nabafowethu, futhi ngiliphonse ngaphandle kulelizwe lapha, futhi ngidonsele uMbuso kaNkulunkulu, kanye nabo, ukungenisa yonke imiphefumulo esingakwazi.

36 Manje, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kuncane. Awusoze wenza okukhulu kokuncane, noma ubani uyakwazi lokho, niyabo, ungeke wakwenza lokho. Kodwa nokho, njengoba uDkt. F. F. Bosworth, omunye wezimenenja zami, wayesemasimini angaphandle kanye nami, futhi maduze nje eye eKhaya eNkazimulweni, eneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili-nane ubudala, waye. . .wathi, "Mfowethu Branham, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kufana nesicupho osifaka ehhukwini ukubamba inhlanzi. Awuyikhombisi neze inhlanzi ihhuku, uyikhombisa isicupho, idumela isicupho bese ithola ihhuku." Ngakho yileyondlela okukwenza ngayo.

37 Ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu namandla kaNkulunkulu ukuphulukisa abagulayo, kudonsa ukunaka kwabantu, futhi lapho kwenzeka, khona-ke ungadedela iVangeli lihambe ukubamba ukuba bangene enethini futhi liphulukise umphefumulo, okuphindwe ngezigidi ngaphezu kokuphulukiswa komzimba. Kunjalo. INkosi inibusise ngumkhuleko wami.

38 Manje, *Leli* yiZwi lobuNkulunkulu, futhi ngiyaLikholwa ngesizotha kusukela esivalweni kuya esivalweni. Futhi ngiphumuza umphefumulo wami phezu kwanoma yisiphi isigaba saleliBhayibheli elidala elibusisiwe. Kade ngiLishumayela manje iminyaka engamashumi amathathu-nanye, nxazonke, emhlabeni jikelele, futhi angikaze ngiLibone lehluleka namanje. Futhi ngi . . . Ngeke lehluleke. Inqobo nje uma kunguNkulunkulu, futhi sinokukholwa ukusekela lokho Akusho, khona-ke uNkulunkulu uzokwenza lokho Athi Uyokwenza.

39 UJesu washo ukuthi iZwi likaNkulunkulu linjengeMbewu umhlwanyeli ayihlwanyelayo. Futhi noma iyiphi imbewu ezowela komuhle, umhlabathi ovundile iyoveza inhlobo yayo. Futhi uma, ngingakwazi kuphela, ngosizo lukaMoya oNgcwele, ukuphonsa iMbewu enhliziyweni yakho, enhliziyweni yongakholwayo, enhliziyweni yosivivi, enhliziyweni yogulayo, makuthi leyoMbewu ibambe ukuPhila, uma Isohlobweni olukahle lomhlabathi nezimo ezifanele, Izophila.

40 Muva nje ngibonile lapho behlela khona eGibhithe, banojikanelanga, imbewu eyayikade iphakathi lapho cishe impela, ngiyakhohlwa ukuthi kwakuyiminyaka eyizinkulungwane ezingaki, omunye wokolo owawusenqolobaneni, uJosefa wawufaka lapho emuva le eminyakeni engamakhulu angamashumi amabili nanhlanu edlule noma ngaphezulu, wawutshala emhlabathini futhi wakhula ohlamvini lukakolo, ngoba wamiliswa, leyombewana ilele phakathi lapho.

41 Futhi noma yibaphi abantu abayothatha iMbewu kaNkulunkulu enhliziyweni yabo, phansi kwesimo esifanele Iyoveza khona impela nje eKushoyo. Ngibone umdlavuza wesarcoma uphulukiswa ngaKho, futhi ngiyazi ukuthi Kuqinisile.

42 Manje, kuqala, ifanele ingene ohlobweni olukahle lomhlabathi, nalowomhlabathi awusiyo isayense yezenkolo, lowomhlabathi ungukukholwa. Uma nje sibeka eceleni isayense yethu yezenkolo isikhashana, ngoba kukhona ukwehluka kwethu, futhi ake sicabange nje ngokukholwa esizokhuluma ngakho.

43 Manje, sewake watshala i . . . uthele indlela eseceleni komgwaqo ngesikhathi sasebusika na? Kukuphi ukudla kwakho okusanhlamvu okukhulu kunakho konke kotshani na? Eceleni, emaphethelweni endlela eseceleni komgwaqo. Kungani na? Leyombewu eyawa kulobotshani ngaphansi kwaleyondlela, yembozwe ngokhonkolo, kodwa i-l-a-n-g-a lingumnikezeli-kuphila wayo yonke impilo yezitshalo, ifanele ifike lapho ilanga lisesimweni esithile, entwasahlobo ukufudumala kwelanga kuzokhipha lokho kuphila. Futhi ungeke wayifihla, lobo

tshani bungahle bumbelwe maphakathi naleyondlela eseceleni komgwaqo, kodwa ake ilanga elifudumele libe kahle nje, liyokwenza. . . ungeke wakufihla lokho kuphila, kuyofika kwedlule ngqo futhi kunamise ikhanda lakho phezulu ngqo ezindumisweni zikaNkulunkulu, futhi, ngoba ilanga, i l-a-n-g-a, liyakhanya.

44 Ngolunye usuku, i N-d-o-d-a-n-a iyofika, iNdodana kaNkulunkulu, konke ukuphila, akunandaba ukuthi kukuphi, lokho ngukuphila okuzelwe ngokusha, okumiliswa eZwini likaNkulunkulu, kuyovela, angikhathali noma kugqitshwe emlotheni, phansi ekugcineni kolwandle, kuyophakama kufane noMdali, futhi kuyophila phakade, lelo yiZwi likaNkulunkulu. Asikhothamise amakhanda ethu manje, sisakhuluma noMqambi waLo, imizuzwana embalwa.

45 Nkulunkulu onoMusa kakhulu noNgcwele, Owabuyisa uJesu kwabafileyo, siyaKubonga ngokusuka ezinjulweni zenhliziyo yethu ngalesisenzo esikhulu, nalesisiqiniseko esikhulu ukuthi Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, futhi yachotshozwa ngobubi bethu, isijeziso sokuthula kwethu sasiphezu kwaYo, nangemivimbo yaYo siphulukisiwe thina, nokuthi siyazi ukuthi sihlanziwe ngokugezwa kwamanzi ngeZwi, manje sinokuPhila okuPhakade ngomusa kaNkulunkulu, leliGugu esiliphethe kulezizitsha zobumba, hhayi okufakwe phakathi lapho ngumuntu, kodwa ngamandla okuvuka kukaNkulunkulu.

Futhi sizwa imbongi njengoba yabhala:

> Ephila, Wangithanda; efa, Wangisindisa;
> Embelwa, Wathwala izono zami waziyisa kude le;
> Evuka, Walungisisa ngesihle phakade:
> Ngoluny'usuku, Uyeza—o, usuku olukhazimulayo!

46 Silinda futhi sibubule kanye nemvelo, Nkosi, ngaloloSuku olukhulu oluzofika masinyane. Futhi siyakhuleka, Baba, ukuthi Uzohlola izinhliziyo zethu kulobubusuku, futhi uma kukhona isono, esingukungakholwa (Akunandaba ukuthi sikholwa kangakanani, uma sisalokhu singalikholwa iZwi likaNkulunkulu, siyizoni, "Ngokuba ongakholwayo uselahliwe kakade." Ngokuba siyazi ngaloloSuku izimfihlo zezinhliziyo zonke ziyakudalulwa.), lokho kuKhanya kukaNkulunkulu okuhlolisisayo kuzohlola izinhliziyo zethu kulobubusuku futhi kubone ukuthi ikhona yini into engcolile ngathi, noma yikuphi ukungakholwa kuNkulunkulu noma iZwi laKhe, khona-ke sihlanze, Nkosi, kukho konke lokho, ukuze siphinde futhi, lapha e-Illinois, sibone imvuselelo enkulu eshanelayo.

47 Nkosi, sikhulekela ukuthi izoqala khona lapha eBloomington, izoya esifundeni sonke nasezweni lonke. Siphe lapha phakathi phakathi kwalababantu ababuthene

kulobubusuku, kuwo onke lamabandla abambisanayo, ukuthi amandla kaNkulunkulu azobonakaliswa kakhulu phakathi kwabo, baze babone futhi bathathe inhliziyo entsha futhi.

48 Yipha lelikolishi, Nkosi, elisivumele ukuba sibe nalelihholo elikhulu, kuzoba nemvuselelo equbukayo lapha, njengaseWheaton, nasezansi e-Asbury, neziningi zezinye izindawo, kuzoba ngumhlangano womkhuleko wemini nobusuku, Nkosi, ukuthi abantu bazoza bevela empumalanga baye entshonalanga. Nkulunkulu, baphe uhlobo oludala, imvuselelo kaJohn Wesley, intshisekelo evuthayo yalezizinhliziyo zezinsizwa, ezoshiya ikolishi lapha, ukuze ziphume njengenye i-Asbury, futhi siphe khona, Baba. Siphe umusa waKho. Sinikela izimpilo zethu kuWe, nezinkonzo kuWe, nakho konke esinakho, kokubili ngokwengqondo nangokomzimba. Khuluma kithi, Baba, siyakhuleka, eGameni likaJesu. Amen.

49 EZwini kulobubusuku, engikholwa ukuthi akukho mhlangano. . . Lokhu nje ubusuku obuncane bokuhlangana, ukuze sithi ukujwayelana. Ngiyaqonda ukuthi ngixakile kwabaningi benu, kodwa angifuni ukuba nizizwe ngaleyondlela, ukuthi. . . Ngingumfowenu, futhi ngilapha ekukhathaleleni ukunisiza, nani ningisiza ukuba ngazi uKristu kangcono.

50 Futhi ngale endikimbeni ejwayelekile, nalabo olandele umkhankaso, ngicabangile, nje, ngizokhuluma lemizuzwana embalwa ngalendaba, lokho kungahle kunikeze isisekelo sokuqala salokho esizama ukukuyisa kubantu. UJohane oNgcwele 12:20, nakumaHeberu 13:8, futhi, futhi, singabhekisela eNcwadini yeZenzo ese 3 isahl-. . ., noma, ivesi 3, 1:3.

> *Kwakukhona amaGreki athile phakathi kwababenyukele e*mkhosini ukukhuleka*:*
>
> *Lawo-ke aya kuFiliphu, waseBetsayida laseGalile, acela kuye, athi,* Banumzane, *sithanda ukubona uJesu.*

51 NakumaHeberu 13:8, kuthi:

> *UJesu Kristu* u*nguye izolo,. . . namuhla, naphakade.*

52 IZenzo 3, noma 1:3:

> UJesu *wazibonakalisa* e*bufakazini obuningi obungenakuphosisa,* . . . (Izibonakaliso eziningi ezingenakuphosisa Azikhombisa abantu ukuthi Uvukile kwabafileyo.)

53 Manje, sithanda ukunibuza lombuzo, kulobubusuku, futhi ngifuna nilalelisise ngempela ngoba imihlangano yesikhathi esizayo iyosekelwa phezu kwento yaloluhlobo. Ngabe ngifundile eZwini likaNkulunkulu, noma ngabe Leyo enye nje incwadi na? YiZwi likaNkulunkulu, khona-ke ngiyaLikholwa ngayo yonke inhliziyo yami.

54 Manje, uma KuyiZwi likaNkulunkulu, kunombuzo obuziwe lapha, futhi wabuzwa ngumGreki, noma amaGreki, njalo, ngingahle ngisho. Benyukela emkhosini woMkhosi wePhentekoste, futhi babefuna ukubona uJesu, baya kuFiliphu, waseBetsayida laseGalile, basho lamazwi: “Banumzane, sithanda ukubona uJesu.” Futhi siyaqonda ukuthi uFiliphu, inceku kaKristu, wakusebenza ukuze bathole isicelo sabo. BaMbona, ngoba babengabantu abanhliziyo-zilambile, ababefisa ukubona uJesu.

55 Futhi angikholwa ukuthi kukhona noma ubani oke, noma ngasiphi isikhathi, owake wezwa noma wafunda ngoJesu, kodwa abangalangazelela ukuMbona. Ngineqiniso ukuthi lokho bekungaba yisifiso sazo zonke izinhliziyo zobuKristu, ukubona iNkosi uJesu. Yingakho sisebenza, futhi yingakho sibeka eceleni yonke into ukuzama ukuphila ukuze sikwazi ukuMbona ngoluny’usuku. Kodwa ngiyamangala, uma imiBhalo isho ngokusobala ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade, pho-ke kungani singenakuMbona namhlanje na?

56 Manje, sinelungelo impela lokucela ukuMbona njengoba lawomaGreki acela ukuMbona. Athi, “Banumzane, sithanda ukubona uJesu.” Futhi ngokucela inceku kaKristu, lenceku yakwazi ukuveza uJesu ukuba bambone. Abazange bacele ukubona imisebenzi yaKhe, noma ukuzwa ukuhlakanipha kwaKhe, bacela nje ukubona uJesu. Futhi banikwa leyonhlanhla yinceku kaKristu.

57 Manje, sesedlule izinsuku ezimbalwa nje sigubha ukuvuka. Futhi kwabaningi balokho esikubiza namhlanje, amaKristu, kulapho njalo nje, kusePhasikeni ukuqonda ukuthi lolo wusuku lwesikhumbuzo sesehlakalo somlando, kodwa kungaphezu kwalokho. Lokho kwakuwusuku nje okwaqala ngalo, manje kuyaqhubeka kuqhubeke kuqhubeke, akupheli neze, Uphila kuze kube phakade.

58 Futhi njengoLuka, ebhala iZenzo zabaphostoli, noma, izenzo zikaMoya oNgcwele kubaphostoli, iminyaka engamashumi ayisithupha nanhlanu emva kwesehlakalo, wathi Wazibonakalisa Yena uqobo ngobufakazi obungenaphutha, ngezibonakaliso, izibonakaliso ezingenakuphosisa, ukuthi WayenguJesu ofanayo owayehambe emhlabeni, Wazibonakalisa Yena uqobo ephila ngezibonakaliso ezingenakuphosisa, ukuthi Wayengophilayo, iNkosi uJesu ovukileyo.

59 Manje, iminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye seyedlule kusukela ngaleyonkathi, noma ngaphezulu, kodwa lokho akusho ichashaza elilodwa elincane ukuya ePhakadeni. Ukuba besilapha iminyaka eyizigidi eziyishumi bekuyobe kusalokhu kunga . . . njengoba kwakunjalo nje, njengoba isisho esidala sinjalo, “Yayikuphi indoda ngenkathi igxuma isuka ebhulohweni na?” Niyabo, ubungekwazi ukukufanisa.

Omunye wathi, “Emanzini.” Yayingakagxumi nokho. Wathi, “Ebhulohweni.” Awu, i—i—isesebhulohweni, ayikagxumi. Ngakho i. . .Niyabo, ungeke. . .Akukho ukuqala noma ukuphela kukho.

60 Manje, okufanayo kungoKristu, uma Evusiwe kwabafileyo, uKristu ongenakuphosisa, khona-ke Usenguye nje namhlanje ukuthi Wayelokhu enguye, noma umBhalo utholakala unephutha.

61 Manje, manje-ke ngiyamangala kulobubusuku, bangaki kulezizethameli ezibonakalayo abangathanda ukuphakamisa izandla zabo futhi bathi, “Ngingathanda ukubona uJesu. Banumzane, sithanda ukubona uJesu”?

62 Awu manje, ake sibone, uma *Leli* kuyiZwi likaNkulunkulu, siyaLikholwa. Manje, uma besingalangazelela ukubona uJesu, cishe amaGreki amabili nje afika futhi ayefuna ukuMbona nesifiso sawo kwahlangatshezwana naso, ngakho-ke kukhona okungenani amakhulu amabili, noma amathathu, phakathi lapha kulobubusuku, nabaningi balapha abafuna ukubona uJesu, ngakho uma Wayethanda ukuzibonakalisa Yena uqobo kulawomaGreki angasokile, ngoba ayefisa ukuMbona, ufanele kakhulu kangakanani ukuzikhombisa Yena uqobo kubantwana baKhe osindisiwe futhi ozelwe nguMoya kaNkulunkulu ophilayo na? Kungani Engethande kakhulu ukuzikhombisa Yena uqobo ephila kithi kulobubusuku, njengoba Wayenjalo kwabangamashumi amane, nabehlukene, njengoba Ahlangana nabo eziyingini na? Ngumbuzo, kodwa yisithembiso.

63 Bese kuthi-ke uma amaHeberu 13:8 athi Unguye izolo, namuhla, naphakade, khona-ke Uzofanele afane ngomgomo, ofanayo emandleni, ofanayo ngayo yonke indlela Ayeyiyo izolo, kungenjalo Akafani.

Omunye uthi, “Usenguye ngendlela ethize.”

Qhabo, Usenguye, umBhalo uyasho. Lowo nguJesu ofanayo owayekhona, unamhlanje, futhi uyoba phakade.

64 Manje, uma bengifanele ngicubungule ngehle kulezizethameli zabantu, futhi ngithi, “AmaBaptisti, amaMethodisti, amaPentecostal, i—izinhlobo ezehlukene, nifundisa lokho ebandleni lenu na?”

“Yebo, impela, siyakufundisa.”

65 Awu, yilokho enifanele nikwenze, kunjalo, ngoba yiZwi likaNkulunkulu elingenakuphosisa. Kodwa wake wazama yini ukucela uNkulunkulu ukuba alenze libonakale, ukulenza libe yilo ngempela kuwe, hhayi nje njengoKristu womlando, kodwa uKristu ovukileyo na?

66 Manje, abantu abaningi bemukela uKristu njengo—njengoMsindisi wabo, ngoba besaba isihogo, abanye be—besaba ukufa ngaphandle kwaKhe, kodwa ngabe uMemukele

njengeNkosi yakho, Engama engxenyeni engaphakathi impela yakho, futhi uvule iminyango yokukholwa kwakho, futhi— futhi nje uzivumele ube sezandleni zaKhe na? Ngineqiniso uma ukwenza, Uyogcizelela sonke isithembiso phakathi *Lapha* ngo, "Amen," ngokuba nguMoya waKhe uQobo owaloba iBhayibheli, ulapha ukuLenza lithi, "Amen," ngoba UnguMqambi waleliBhayibheli. Bese kuthi-ke, uma nje uzoMkholwa futhi uvule inhliziyo yakho, futhi sizoMcela manje, uma Ezoza futhi Azazise kithi, njengoba Enza.

Awu manje, ngingahle ngithi, "Ngabe...? NiyaMthola ezivumwenikholo zenu zeBaptisti na?"

"Yebo."

"Izivumokholo zeMethodisti na?"

"Yebo."

"Izivumokholo zePentecostal na?"

"Yebo."

67 Kunjalo, uthola ukuthi kungahle kubhalwe phakathi lapho. Kodwa ake sibuze lokhu, njengoba Kwasho ukuthi Unguye namuhla njengoba Wayenjalo izolo, khona-ke asi...

68 Uma ngiye esivumwenikholo senu seBaptisti, noma isivumokholo seMethodisti, noma isivumokholo sePentecostal ukucela okunjalo, ubungathi, "Awu, ku*kanje-na-kanje*." Futhi omunye ubengathi, "Qhabo, kunga*le*ndlela." Nomunye ubengathi, "Qhabo, isivumokholo sethu sikufunda nga*le*ndlela. Sifundiswe nga*le*ndlela." Bekuyoba nemibono ehlukene ngakho. Kodwa indlela kuphela yokukwenza ngokulunga kube njalo, ngukubuyela emuva futhi uthole ukuthi Ubeyini izolo, nokuthi Wenzeni izolo, ukuthi Uziphathe kanjani izolo, bese-ke sibona ukuthi Uzofika yini futhi abe yileyonto efanayo namhlanje.

69 Manje, wonke umuntu uyakholwa futhi uyazi ukuthi umzimba wenyama weNkosi uJesu uhlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu uSomandla, esiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu, wenza ukunxusela phezu kokuvuma kwethu. Nonke niyakukholwa lokho na? Futhi uMoya oNgcwele ulapha, owawuphezu kwaKhe, okwakunguNkulunkulu kuKristu, manje lona nguNkulunkulu eBandleni laKhe. UNkulunkulu wayeseNsikeni yoMlilo kanye, iZwi-mcabango elaphuma kuNkulunkulu, leyo kwakuyiNgelosi yesivumelwano eyahamba nabantwana bakwa-Israyeli ehlane, khona-ke Wabonakaliswa, uNkulunkulu ofanayo enyameni, okwakuyiNdodana yaKhe, ukuthi Wasibekela intombi, wadala iNgqamuzana yeGazi, futhi waphila kulowomzimba wenyama, iNdodana kaNkulunkulu.

70 Manje, manje-ke ngenkathi leyoNdodana kaNkulunkulu, inikela ngokuphila kwaYo nomzimba waYo ukuba kube ngumhlatshelo, noNkulunkulu wavusa umzimba waKhe ngosuku lwesithathu, wayesewuhlalisa ngakwesokunene

saKhe kweliPhezulu, khona-ke uMoya oNgcwele wabuya, futhi ngoSuku lwePhentekoste, iBhayibheli lathi, "Kwakukhona iziLimi zoMlilo," njengezilimi, njengokukhotha komlilo, "kwahlala phezu kwalowo nalowo wabo," lowo kwakunguNkulunkulu, uMoya oNgcwele ofanayo owawusehlane nabantwana bakwa-Israyeli.

Wena uthi, "Lowo kwakungesuye uJesu"?

71 Kwakunguye. Emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka, uSawulu wayesendleleni yakhe ehlela eDamaseku, nokuKhanya okukhulu kwamshaya kwamlahla phansi. UJesu emhlabeni, wathi, "Ngivela kuNkulunkulu, futhi Ngiya kuNkulunkulu." Futhi emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka, nokwenyuka kwaKhe, USawulu, esendleleni yakhe ebheke ezansi eDamaseku, washaywa phansi emhlabathini. Futhi wabheka phezulu futhi kwabakhona ukuKhanya okwamphuphuthekisa, futhi wakhala, "Sawulu, Sawulu, uNgihluphelani na?"

Wathi, "Ungubani Wena, Nkosi na?"

Wathi, "NginguJesu," wayebuyele kuleyoNsika yoMlilo efanayo eyahola abantwana bakwa-Israyeli ehlane.

72 UJohane oNgcwele isahluko 6, babexoxa naYe ngemibono ehlukene nezinto, futhi bathi, "Uthe umdala njengo-Abrahama," futhi bathi, "uthe ubone u-Abrahama, futhi ungumuntu ongakevi eminyakeni engamashumi amahlanu ubudala, manje siyazi ukuthi uyahlanya futhi unodeveli."

73 Wathi, "Engakabikho u-Abrahama, NGIKHONA." Ngaphambi kokuba abekhona, Wayekhona, ngoba Wayengu*NGIKHONA* owayesesihlahleni esivuthayo. INsika yoMlilo eyahola abantwana bakwa-Israyeli bedabula ehlane kwakunguNkulunkulu ofanayo owabonakaliswa kuJesu Kristu, wafa, wenyukela kweliPhezulu, futhi wathumela uMoya oNgcwele emuva. Futhi kuJohane 14—Johane 14:7, wathi, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza, emikhulu kunalo uyakuyenza, ngokuba Ngiya kuBaba waMi."

74 UJohane oNgcwele i—isahluko 5 nevesi 19 lesahluko 5, Wathi, "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kodwa lokho Ebona uYise ekwenza, lokho iNdodana iyakwenza." Wenza njengoba uNkulunkulu aMkhombisa, ngakho Wathi, "Ngithi kini, Ngingenze lutho." Akazange azisho ukuthi unguMphulukisi ngokukaNkulunkulu, Wathi Wenza kuphela njengoba Abona ngombono lokho uNkulunkulu aMtshela ukuba akwenze, futhi wethembisa iBandla ukwenza into efanayo.

75 "Nokho, kuseyisikhashana nezwe lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina," manje bhekisisani, *izwe*, "kosmos," okusho u*hlelo lwezwe*, "angeke ngisaNgibona," abangakholwayo, "angeke nisaNgibona, nokho, niyoNgibona,"

*nina*, amakholwa, "ngokuba Ngi," *ngi* yisabizwana somuntu, "yoba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe." UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.

76 Manje, uma Esenguye, khona-ke amandla aKhe, ukuPhila kwaKhe okuvukile kufanele ngabe kuphila eBandleni, kuveza inkonzo efanayo Ayenayo lapha emhlabeni, ngokuba Wayethembisa. Manje, bonke bangekwemukele lokho, siyakuqonda lokho, abantu bazalelwa ekulahlweni, umBhalo usho njalo, kodwa, "Onendlebe, makezwe lokho akushoyo uMoya eBandleni." Niyabo?

77 Manje, asithole ukuthi Wenzani, futhi khona-ke sizothola ukuthi Uzokwenzani manje; sithole ukuthi Wayeyini, sithole ukuthi Uyini manje, futhi sibone ukuthi siyakwazi yini ukuthola uJesu Kristu ekuvukeni kwaKhe.

78 Manje, sithola ukuthi ngenkathi Ekhulelwe yintombi futhi wazalwa, kwase—kwase kuthi-ke eseneminyaka engamashumi amathathu Wabhaphathizwa nguJohane umBhaphathizi emfuleni waseJordani, futhi khona-ke masinyane wayiswa ehlane ukuba alingwe ngudeveli, futhi waba lapho izinsuku ezingamashumi amane, futhi waphuma futhi waqala inkonzo yaKhe yasemhlabeni.

79 Asibuyele esahlukweni 1 sikaJohane oNgcwele manje, njengoba sinjalo, siqale eNcwadini kaJohane oNgcwele. Futhi njengoba iviki liqhubeka, siyoqhubeka sithathe lokhu futhi sikusonge kusukela kuGenesisi kuya eSambulweni ngangokuthi akukho-mgxeki emqondweni wakhe osile, noma akukho-ndlela nhlobo, ongakuphikisa. NguNkulunkulu.

80 UNkulunkulu useZwini laKhe. Uyakukholwa lokho na? "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu," uJohane oNgcwele 1. Futhi kumaHeberu isahluko 4, kwasho ukuthi, "IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, lihlaba lehlukanise ithambo, laHlulela ngisho imicabango yenhliziyo," iZwi, lapho Liba yinyama kithi.

81 Manje, sithola ukuthi uJesu, masinya emva kokuba Eqale inkonzo yaKhe yasemhlabeni, Uqala ukuphulukisa abagulayo. Manje, lalelisisani, labobantu babebheke uMesiya, amaJuda ayembhekile.

82 Kunezigaba ezintathu kuphela, noma, izinhlanga ezintathu zabantu emhlabeni, lowo ngabantu bakaHamu, uShemu, noJafete, amadodana amathathu kaNowa, uma sikholwa i—iZwi likaNkulunkulu. Okungukuthi bonke baphuma lapho, ngoba imbubhiso yangaphambi kukazamcolo yababhubhisa bonke ngaphandle kwalokho, umhlaba wonke wabhujiswa. Futhi kulabo bafana abathathu kwaphuma, zonke izinhlanga

zomhlaba, nalokho, uma niqaphela, lelo kwakuyiJuda, oweZizwe, nomSamariya.

83 UPetru wanikwa, kuMathewu oNgcwele isahluko 15, izihluthulelo kuwo uMbuso. NgoSuku lwePhentekoste, wawuvula kumaJuda. UFiliphu wehla futhi washumayela kumaSamariya futhi wawabhaphathiza, nokho uMoya oNgcwele wawungakafiki kuwo, futhi wehla wayesebeka izandla phezu kwawo ase emukela uMoya oNgcwele. EZenzweni isahluko 10, ivesi 49, ukuthi uKorneliyu wayebone umbono endlini yakhe, engoweZizwe, noPetru wemukela umbono phezu kwendlu ukuba enyuke, "Kwathi esakhuluma lawamazwi, uMoya oNgcwele wehlela kwabeZizwe." Kusukela lapho kuqhubeke, kukhona, kuvulekele lonke izwe-ke: iJuda, abeZizwe, nomSamariya.

84 UPetru wayenezihluthulelo, leyo kwakuyileyontshumayelo edumile ayishumayela, nalo lonke ibandla, angikhathali uma kuyiKatolika, iProtestane, nomaphi, uma uzoba ngumKristu, ufanele ubuyele emuva, nebandla lokuqala uNkulunkulu ake aligcoba lalingoSuku lwePhentekoste, kwakuyibandla elikholwa yiPhentekoste linesehlakalo sePhentekoste.

85 Manje, thatha i*The Nicene Council*, noma i*The Early Church Fathers*, noma yimuphi umlando ofuna ukuwuthatha, uzokubhekisela emuva ngqo, ibandla lokuqala kwakuyibandla lePhentekoste, ligcwaliswe ngoMoya oNgcwele, izibonakaliso, nezimanga, nezimangaliso ziphelekezela. Futhi uma uNkulunkulu enguNkulunkulu ongenasiphelo futhi ahlele iBandla laKhe kanjalo ngoSuku lwePhentekoste, njalo uma Ehlela ibandla ngokohlelo, liyoba yinto efanayo, lizoba yiyo, ngoba Ungongenasiphelo futhi angeguquke. Izimfundiso zethu nesayense yezenkolo isithathe yasibeka eceleni size sizulazule ehlane, iBhayibheli likaNkulunkulu lihlala lifana, noMoya kaNkulunkulu uhlala ufana. Lolu yizinsuku zokugcina, kusemuva lapho umprofethi athi kuyoba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa.

86 Manje, uma babebheke uMesiya, bangaki owaziyo ukuthi amaJuda afuna izibonakaliso, amaGreki ukuhlakanipha na? UPawulu wathi, "Sishumayela uKristu obethelwe." Manje, amaJuda, ukwemukela uMesiya, Wayefanele abe nesibonakaliso sobuMesiya, ngoba uDuteronomi isahluko 18, kusukela evesini 15 kuya kwelama 22, uyafakazisa ukuthi uMesiya uyoba yini. Futhi uma lokho Abakhombisa khona njengesibonakaliso sokuthi WayenguMesiya, oyohlala kuzo zonke izizukulwane esizofika, inqobo nje uma kukhona umuntu ozokwemukela. UMose wathi kuDuteronomi isahluko 18, kuqala ngevesi 15, "INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umProfethi phakathi kwenu, onjengami."

87 Futhi uMesiya wayezoba ngumProfethi, uNkulunkulu-

mProfethi, futhi Uyokwenza isibonakaliso somprofethi. Futhi nakwezinye izindawo eziningi emBhalweni engi . . . esingabhekisela kuzo, uNkulunkulu wathi, "Uma ekhona phakathi kwenu ongowomoya, noma umprofethi, Mina iNkosi uNkulunkulu Ngiyakuzibonakalisa kuye. Futhi okushiwo yilomprofethi, kubhekisiseni, uma kufezeka, khona-ke muzweni, kepha uma kungenzeki, khona-ke ningamuzwa."

88 Manje, leso kwakuyisibonakaliso sika-Israyeli saloMesiya omkhulu, owayezofika. Wayezoba nguNkulunkulu-mProfethi, akhombise izibonakaliso zomprofethi, ngoba umprofethi nguye iZwi leNkosi elafika kuye. Ngakho ekufikeni kwaKhe, kwakungukuguqula sonke isimiselo sesikhathi nayo yonke into, futhi Wayezoba nesibonakaliso somprofethi ukufakazisa ukuthi WayengumProfethi, Wayefanele, ngoba yonke into yayiguquka, futhi yingalesosizathu babefanele bakwazi.

89 Manje, siyazi, njengamaKristu, ukuthi uJesu wafika ngayo impela indlela Aprofethwa ngayo ukuthi uzofika, kodwa amabandla ngalolosuku ayenakho konke kuphendulwe ngenye indlela. Babecabanga ukuthi mhlawumbe uNkulunkulu wayezokwehlisa imihubhe yaseZulwini, futhi Wayezokwehlela phezu kwamaphiko oMlilo noma okuthize.

90 NoJohane umBhaphathizi, u-Eliya owayeza, ukuthi wayezoba ngumfo omkhulu, ngoba izintaba zazizotshekula njengezinqama, namaqabunga ayezoshaya izandla zawo, nezindawo eziphakemeyo zenziwe zaphansi, nezindawo eziphansi, ziphakeme. Awu, babelindele into ethize enkulu, evelele ukuba inyakazise isizwe, kodwa lapho efika, wayeyini na? Wayengumuntu enesiqephu sesikhumba semvu ezisonge ngaso, enentshebe bonke ubuso bakhe, ephila ngezintethe noju lwasendle, futhi waphuma eshumayela ezingwini ezinodaka zaseJordani, futhi enyakazisa amabandla ukuba aphenduke.

91 Ngenkathi ebone abaningi beza embhaphathizweni wakhe, wathi, "Nzalo yezinyoka, ngubani onixwayise ukuba nibalekele ulaka na? Ungacabangi ukuthi phakathi kwakho, 'Sino-Abrahama ongubaba wethu,' ngokuba ngithi kini, uNkulunkulu angamvusela u-Abrahama abantwana kulawamatshe. Futhi, izembe libekiwe empandeni yomuthi, yonke imithi engatheli isithelo esihle iyanqunywa, iphonswe emlilweni." Ngakho niyabo, kwakwehluke ngakho konke, abakwazanga ukuMemukela.

92 Ngenkathi uJesu efika, Wafika negama lomntwana wesihlahla, wafika njengomntwana ozelwe ngaphandle komshado ongcwele. Akaze aye kunoma yisiphi isikole sasekholiji, kumbe noma yini enye esinanoma yiliphi irekhode lakho eBhayibhelini, noma umlando, ukuthi Wake waya ngolunye usuku esikoleni, kodwa Washaqisa abapristi, ngoba Wayethunywe nguNkulunkulu, Wayenokuhlakanipha

namandla kaNkulunkulu ukusekela Yonke into Ayisho. Futhi Wabashaqisa ngeMfundiso yaKhe, ngokuba Wayengafundisi njengombhali, Wafundisa njengalowo owayeneZwi leNkosi. Sibonile ukufundisa kwaKhe kwakwehluke ngakho konke kunalokho amabandla ayenakho kosuku lwaKhe. Mhlasimbe, bekuyokwehluka kakhulu namhlanje ukuba Ubelapha.

93 Manje, sizoqaphela, into yokuqala esizoyithatha kuJohane oNgcwele 1, sithola ukuthi kwakukhona indoda egama linguSimoni, futhi wayenomfowabo ogama lingu-Andreya, babengabadobi. Manje, lalelisisani, ningakugeji lokhu. Ngakho u-Andreya, mhlampe, wakhuluma noSimoni emva kokuba wayekade esezansi emhlanganweni, futhi wabona uMoya oNgcwele wehla njengejuba phezu kweNkosi uJesu, lokhu kuKhanya okukhulu, kwehla kuvela eZulwini, sengathi, kwakunamaphiko, futhi kwakhanyisa phezu kwaKhe, nePhimbo lithi, "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo, eNgithokozile ukuhlala kuYo."

94 Futhi manje-ke sithola ukuthi ufanele ukuthi watshela umfowabo, ngakho uSimoni weza endleleni yakhe enyuka ukuyobona uJesu. UmFarisi ofundiswe kahle, wayazi ukuthi uyise wayengumkhonzi omkhulu kaNkulunkulu futhi wayemfundise ukuthi lokho kanjani, ukuthi uMesiya uyoba kanjani lapho Efika, wathi, "Kuyobakhona ukudideka ngalolosuku. Akungabazeki ukuthi kuyobakhona zonke izinhlobo zezinto ezingamanga ezivukayo nje ukuba zigijime ngaphambili, noma, ngosuku, kodwa, Simoni, ungakhohlwa, loMesiya uzoba ngumProfethi kaNkulunkulu, futhi Uzokhombisa isibonakaliso somprofethi, ngoba uMose wathi iNkosi uNkulunkulu wethu iyovusa umProfethi. Ngakho, khumbula, Uyoba ngumProfethi, Simoni." Manje besiMbheke izolo.

95 NoSimoni uyenyuka ngenhliziyo eqotho phambi kukaNkulunkulu, wenyukela emgqeni lapho uJesu ayemi khona, kwathi nje uJesu embona, wayesephosa amehlo aKhe kuye, Wathi, "Igama lakho unguSimoni, uyindodana kaJonase." O, ngiyabona ukuthi lokho kwakhipha sonke isitashi kuSimoni! "Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJonase."

96 USimoni mhlawumbe wangabaza, futhi waMbuka. Akusikho kuphela ukuthi Wayemazi, kodwa Wayemazi lowo omesabayo uNkulunkulu, ubaba wakhe omdala. Khona-ke kufanele kungena emqondweni kaSimoni, "NguYe lowo!" Futhi ewa phansi ezinyaweni zeNkosi uJesu, uJesu wathi, "Kusukela manje uyakubizwa ngoPetru," okusho ukuthi "itshe elincane." Futhi Wamnika izihluthulelo kuwo uMbuso.

97 Kwakukhona oyedwa owayemi lapho ogama linguNathanayeli, wakubona lokhu kwenziwa, futhi wazi ngaphandle kokungabaza, noma, ngiqonde uFiliphu, lo

esikhuluma ngaye kulobubusuku, wakubona lokho kwenziwa, futhi wagijima ezungeza intaba. Uma noma ubani lapha oke waba sePalastine, ukubhekisisa lapho ababemaka khona, cishe kungamamayela ayishumi nanhlanu ukusuka lapho uJesu ayeshumayela khona, kuya ngalapho athola khona umngane wakhe, uNathanayeli. Wenyuka futhi wangqongqotha emnyango, akungabazeki, wabuza ukuthi wayekuphi uNathanayeli, isitshudeni esikhulu seBhayibheli. Futhi umkakhe ufanele ukuthi wathi, "Usemuva e. . .phansi kwemikhiwane emuva lapho, ndawondawo, ebuka isixhobo sakhe semithi."

98 Wazungeza intaba, waze washaya emkhiwaneni omncane, futhi kwakukhona uNathanayeli eguqe ngamadolo akhe ekhuleka, lalelani, futhi lapho embona ekhuleka, njengomnumzane ohloniphekile ongumKristu walinda waze waqeda ngaphambi kokuba azungeze noma yikuphi. Futhi walinda indoda yaze yaqeda ukukhuleka, futhi lapho esukuma futhi wayebrasha ingubo yakhe, yena, ngokukhulu ukushesha, wathi, "Woza, ubone esiMfumene, uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa."

99 Manje, niyazi lendoda yayiyikholwa lomthetho. Futhi wathi. . .Manje, sengiyambona esho lokhu: "Filiphu, ngiyazi ukuthi uyindoda elungileyo, ngempela uchezukele ekugcineni okujulile. Uqonde ukungitshela ukuthi uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa! Kungaba khona okuhle okuvela eNazaretha na?"

100 Niyazi, ngicabanga ukuthi wamnika impendulo ezedlula zonke noma ubani ayengayinikeza, "Woza ubone." Akashongo ukuthi, "Hlala ekhaya futhi ugxeke." Noma, "Sukuma uphume." Wathi, "Woza, uzibonele."

101 Bahamba bezungeza intaba, sengathi ngiyabona uFiliphu ethi kuye, "O, uyayazi leyondoda endala esazithengela inhlanzi kuyo ngalesosikhathi, egama linguSimoni na?"

"Yebo."

102 "Awu, wenyuka ngaphambi kukaMesiya ngolunye usuku, noMesiya wamtshela, 'Igama lakho unguSimoni.' Uyakhumbula, wayengenayo ngisho imfundo eyenele ukuba asayine igama lakhe uqobo." IBhayibheli lasho ukuthi uPetru lowo owayenezihluthulelo zoMbuso, wayengazi lutho futhi engafundile. Wayengakwazi ngisho nokusayina igama lakhe uqobo, wayengafundile kakhulu. Kodwa kwamthokozisa uNkulunkulu ekukholweni kwakhe, ukumnika izihluthulelo zoMbuso, ngokuba wayenesambulo sikaJesu Kristu, ongafundile, umuntu ongafundile.

103 Futhi wathi, "Wamtshela, ukuthi wayengubani nokuthi uyise wayengubani. Manje, Nathanayeli, uyazi ukuthi uMesiya uzoba ngumProfethi othunywe nguNkulunkulu. UNkulunkulu

uzoba kuMesiya, ngoba Uzoba yiNkosi yabaprofethi. Kodwa Uzosinika isibonakaliso sobuMesiya, ngokwemiBhalo. Futhi uma loMuntu ubengenza lokhu, ubungeke ukholwe ukuthi WayengumProfethi na?"

104 Sengathi ngiyambona uNathanayeli ethi, "Manje, awume kancane nje, Filiphu. Kade singenaye umprofethi amakhulu ngamakhulu eminyaka. Futhi angakwenza kanjani lomGalile, ingakwenza kanjani leNdoda yaseNazaretha, asinakho okuqoshwe phansi ngaYe ezikoleni kumbe kunoma iyiphi indawo lapho Ekade ekhona, Wayengake ayenze kanjani into enjengaleyo na?"

"Woza nje, uthole. Woza, uzitholele wena, ubone ukuthi kuyaqhubeka noma qha."

"Ngezwa ngaleyondoda yasendle ezansi lapho, uJohane."

105 "Awu, wayengumanduleli nje, lowo kwakungu-Isaya owayengumandu-. . . u—umprofethi owayezofika eMandulela. Kodwa U—U . . . Manje, lowo ngu-Eliyase owayezofika; manje, Lona nguMesiya, ngoba Ukhombisa isibonakaliso sikaMesiya."

106 Futhi uma leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya izolo, kuyafana namhlanje, noma Wenza isibonakaliso esingalungile. Futhi khona-ke u-Israyeli wayeqinisile, futhi walungisiswa ngokuMbulala, eMphika ukuthi unguMesiya, ngoba Wayeyoba ngumkhohlisi. Kodwa baMbulala ngenxa yokuthi Wafakazisa ukuthi WayenguMesiya. Kwakungekho-—kwakungekho-dwala ukuba ligumbuqelwe, njengoba sifinyelela kukho ngokuqhubekayo ngeviki nizobona. UnguMesiya.

107 Manje, ngiyambona ethi, "Uyazi, Filiphu, ngizo—ngifuna ukukukholwa, kodwa ngi—ngingeke nje ngikwenze, angikholwa nje ukuthi into enjalo yenzekile. Kuhle kakhulu ukukholwa."

108 "Awu, uyazi, ngi . . ." UFiliphu angahle ukuba washo lokhu, "UNatanayeli, bekungeke kungimangaze, kodwa lokho Angitshela khona . . . ukutshela ukuthi ungubani lapho ukhuphuka."

"O, akukaze kwenzeke kanjalo. Qhabo, angikukholwa; ngizofanele ngikubone kuqala."

109 Ngakho bafika, ekugcineni bafika emhlanganweni lapho uJesu ayekhona, futhi mhlawumbe angahle ukuba ufike ngomugqa womkhuleko, angazi, kungenzeka ukuthi wayehlezi phandle ezethamelini, kumbe noma yikuphi, iyiphi indlela ababengayo, ehlezi emhlabathini noma emile. Kodwa kwathi nje amehlo kaJesu angawela kuye, lalelani, Wathi, "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!" Lowo kwakunguJesu izolo. Kunjalo na? "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!"

110 Futhi kwamangaza *kakhulu* leyondoda, yaze yathi, "Rabi, Uze wangazi nini na?" Ngamany'amazwi, "Kungokokuqala

ukuba sike sihlangane. Waze kanjani ukuthi bengiyindoda eqotho, indoda elungile, umIsrayeli na?" Hhayi ngendlela ayegqoke ngayo, bonke abantu basempumalanga babegqoka ngokufanayo, intshebe, nomshuqulo, nengubo ende, kanjalonjalo, isikhumba esimnyama. "Ungaze kanjani na?"

111 Lalelami amaZwi aKhe: "Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona." Lowo kwakunguJesu izolo, yileyondlela Azibonakalisa ngayo Yena uqobo.

Wathini na? "Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu, Wena uyiNkosi ka-Israyeli."

112 UJesu wambheka wayesethi, "Ngoba Ngikutshele lokhu uyakholwa na? Uzobona okukhulu kunalokho." Uyikholwa, elimiselwe ukuPhila okuPhakade, ukubona imisebenzi kaNkulunkulu.

113 O, kwakukhona abanye ababemi lapho, ababengakukholwa lokho. Orabi bangalolosuku, bama lapho, babazi ukuthi babefanele baphendule ebandleni labo, kwakungekho-ndlela yokukuzungeza, abantu bami lapho futhi bakubona kwenziwa, futhi babazi ukuthi imiBhalo yafundisa ukuthi yilokho uMesiya ayeyoba yikho, ngakho babefanele baphendule kubantu.

114 Bathini na? Abazange bakusho kuzwakale, kodwa ezinhliziyweni zabo bathi, "Lomuntu unguBelzabule, umbhuli, umoya othize omubi." Niyabo? "Uyinkosana yodeveli, umbhuli, futhi uzenza kanjalo lezizinto kungokubhula kwakhe."

115 Wathini uJesu na? Wathi, "Ngizonithethelela ngalokho, kodwa ngoluny'usuku, uMoya oNgcwele uyofika, futhi ukhulume izwi elilodwa elimelene naLowo, akusoze kwathethelelwa kulelizwe, nasezweni elizayo." Niyabona lapho esizibeka khona-ke!

116 Ebiza. . . Yini ukuthuka uMoya oNgcwele na? Ubiza uMoya kaNkulunkulu, owawenza khona impela iBhayibheli elabikezela ukuthi Uyokwenza, amandla edemoni. Akukho neze ukuthethelelwa kwakho, noma lelizwe, noma elizayo. Futhi uJesu angeqambe amanga, ngoba WayenguNkulunkulu, futhi akunakwenzeka ukuba uNkulunkulu aqambe amanga. UNkulunkulu wayekuYe, Wathi, "AkusiMina, nguBaba waMi ohlala kiMi." INdodana yayinguMuntu, uNkulunkulu wayenguMoya owawukuYe, futhi kwakunguMoya ukhuluma uphuma kuYe.

117 Manje, niyabona ukuthi Wenzeni kulawomaJuda na? Ngenkathi Ehlangana nabo, bona babemiselwe ukuPhila bakuqonda. Ningakugeji bandla! Labo ababemiselwe ukuPhila bakuqonda futhi bakukholwa. Kodwa labo abangakukholwanga wabuyiselwa ekubhujisweni. Akashongo yini uJesu kulawo angcwele, amadoda angcwelisiwe, ayeyazi imiBhalo kusukela ku A kuya ku Z, noma azisho kanjalo, Wathi, "Ningabakayihlo udeveli"? Kunjalo impela.

118 Ngakho ungabeki isono phezu kokubhema, ukuphuza, ukugembula, lokho akusiso isono, lokho yizingxenye ezingahlukaniseki zokungakholwa, isono ngukungakholwa. Ungahle ungawuthinti neze usikilidi, uphuze, noma awukaze wenze noma yini embi empilweni yakho, uma ungalikholwa iZwi likaNkulunkulu, usalokhu uyisoni. Isono ukungakholwa. Mibili kuphela imimoya, omunye uyakholwa, nomunye awukholwa.

119 Akunandaba . . . Sisekele yonke imicabango yethu phezu kohlobo oluthile lwesenzo esingcwele, into ethize esifuna ukuyenza, nento esiyenzile, "Nginika uJones amalahle, ngenkathi babe . . . Nginelungelo lokuya eZulwini." Awunalungelo lokuya eZulwini, uze ukholwe nguNkulunkulu, futhi ukwemukele ngezisekelo zokukholwa phezu kweGazi elichithiwe likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu.

120 Awunamalungelo, ngokuba ayikho enye indlela, akunandaba, ungahle ube yilunga lokuqina, iPentecostal kuya emnyombweni, iMethodisti, iBaptisti, noma iKatolika kuya emnyombweni, akwenzi mehluko ukuthi ungowaliphi ibandla, uma ukholwe ngesizotha kuJesu Kristu, futhi waMemukela njengoMsindisi oqondene nawe, njengokukholwa kwakho kuYe, Angikhathali ukuthi uya kuliphi ibandla, usindiswa ngokukholwa. Futhi ngaphandle kwalokho, kukhona . . .

121 Akukho-bandla elingcwele, akukho-bantu abangcwele, nguMoya oNgcwele kubantu, okulenza libe ngcwele. UNkulunkulu oNgcwele ohlala phakathi kwabantu, okwenza ubungcwele. Hhayi into ethize engiyenzayo, into ethize oyenzayo, noma into ethize ebesiyoyenza, kodwa kuyilokho uNkulunkulu asenzele khona, ngoKristu Jesu, lelo yiBhayibheli.

122 Bhekisisani amaJuda, akukholwa ngesizotha, amanye awo, ayemiselwe ukuphila; abanye, abokuqina bomthetho ezinkolelweni zabo, besekelwa kabanzi, babengeke ngisho benze incwadi, babe, babefanele beze ngozalo lobupristi, kwehle, kwehle, kwehle, kwehle, kusukela kumkhulu kuya kumkhulu nomkhulu, ukuba ngumLevi, ukuba ngumfundisi, kodwa babekade befundiswe esikweni, esikhundleni seZwi langempela.

123 UJesu wathi, "Ungu . . . ubaba . . . Uyihlo ungudeveli."

124 Kodwa labobadobi abancane abampofu, abathobekile, ababezokwemukela futhi bakholwe, owayekade efundisiwe futhi wazi ukuthi uMesiya uyoba yini, bakuqonda ngesikhathi bekubona futhi bakukholwa, bathi, "Ngempela UyiNdodana kaNkulunkulu, ngempela, Rabi, siyazi ukuthi UnguMfundisi ovela kuNkulunkulu."

125 UNikodemu wakuveza kahle, ibandla alimvumelanga ukuba akwemukele, kodwa nokho, wayefuna . . . "Siyazi ukuthi UnguMfundisi, ovela kuNkulunkulu, ngoba akekho umuntu obengenza izinto Ozenzayo, uma uNkulunkulu engenaYe. Siyazi

ukuthi akunasiphosiso, Wena unguMesiya, Wasikhombisa isibonakaliso saKho sokuthi UnguMesiya. Siyazi uMose wakhuluma ukuthi Uyoza, siyazi umBhalo uthi Uyofika, siyazi ukuthi Wawuzoba nguNkulunkulu-mProfethi. Futhi lapha Uyafakazisa kithi, wazi ngisho nemicabango osezinhliziyweni zethu. Siyazi ukuthi UnguMfundisi, ovela kuNkulunkulu."

126 Manje, Uza kuphela kulabo abaMbhekile. Thina beZizwe, i-Anglo-Saxon, ngalezozinsuku sasingabahedeni, amaRoma, kanjalonjalo, sasinesagila emhlane wethu futhi sikhonza izithombe. Kodwa kwakukhona esinye isigaba sabantu esasingumSamariya, kwakuyiJuda ingxenye noweZizwe, khona-ke babebheke uMesiya. Manje, ngokushesha manje, sineminye nje imizuzu cishe emihlanu. Babebheke uMesiya.

127 NoJesu wayesendleleni yaKhe ehlela eJeriko, kodwa Wayeswelekile ukuba adlule eSamariya. Ngiyamangala ukuthi kungani. Manje, lalelisisani ngempela. Futhi lapho Esefike emzini othize, Wathumela abafundi ukuba bayolanda umphako, futhi Yena uqobo lwaKhe wahlala phansi eceleni komthombo. Uma wake waba lapho, kungokubonakalayo yonke indawo, umthombo usekhona, into nje enjengale lapha, hhayi ephakeme kangako, imivini ngakuyo, umthombo womphakathi lapho abantu beza ukuzokha amanzi abo. Amanenekazi aphumela lapho futhi athola lab'ojeke abakhulu abagcwele amanzi namanje, bawabeke ekhanda lawo, futhi bahambe nje bushelelezi njengoba ungathanda, futhi ukhulume njengoba amanenekazi engenza, uyazi, komunye nomunye, futhi bahambisane ngqo futhi bangalokothi bachithe ngisho iconsi lawo. Futhi beza lapho ukuzokha amanzi abo.

128 UJesu wahlala phansi ngoba Wayekhathele, njengoba Asho. Futhi abafundi bangena emzini ukuyothenga ukudla. Futhi ngenkathi besahambile, owesifazane osemusha obukeka ethandeka uyaphuma, owayengowesifazane onegama elibi. Wayengcolise izifungo zomshado, wayekade eshade kahlanu, futhi wayehlala nomyeni wakhe wesithupha.

129 Ake sithi uyaphuma, ngalezozinsuku, iqiniso langempela lakho lingukuthi, wayengeke afike nabesifazane kusesekuseni ekuseni, ngoba babengenanhlanganyelo ndawonye, okulungile nokungalungile. Namhlanje konke kuxutshwe ndawonye, angeke washo ukuthi yikuphi okuyikhona, gqoka ngokufanayo, bukeka ngokufanayo, khuluma ngokufanayo, into efanayo nje, bonke babheme osikilidi, futhi baphume futhi baqhubeke, bagunda izinwele zabo, futhi basebenzise izimonyo, futhi ungeke. . .nje inja idla inja. Nakho lapho okhona. Nampa beza.

130 Futhi ngakho waphuma waya emthonjeni emva kokuba bonke abanye besifazane base behambile, futhi waqala ukwehlisa i. . .yisigwedlo, futhi banamahhuku, enkulu. . . akusilo ngempela ibhakede, yi—yimbiza, noma okufana

neketela, linentamo ende kulo, linamahhuku amabili. Futhi babeka i—isigwedlo ngaphansi kwalokhu okufana nezinkintsho, bese beyehlisela e—emthonjeni, bese bekha amanzi, bese-ke baphinde bagwedle futhi.

Ngakho ngenkathi eqala ukwehlisa i—imbiza emthonjeni, wezwa iNdoda ithi, "Sifazane, Ngiphuzise."

131 Futhi uyabuka ngale futhi ubone umJuda ehlezi lapho. O, Wayecishe abe neminyaka engamashumi amathathu nantathu kuphela ubudala, kodwa Ufanele ukuthi wayebukeka ethi akabe namashumi amahlanu, ngoba babesanda kuMtshela ukuthi Wa— Wayebukeka enamashumi amahlanu, empeleni, bathi, "Awusuye umuntu oseve eminyakeni engamashumi amahlanu ubudala, futhi uthi ubone u-Abrahama na?" Niyabo? Ngakho umsebenzi waKhe ufanele ukuthi waMephula kancanyana impela.

Ngakho lapho Wayehlezi encike emthonjeni, wathi, "Sifazane, Ngiphuzise."

132 Futhi waqalaza, futhi waMazisa ukuthi kwakukhona ukwehlukana kulelozwe. Wathi, "Thina ha-. . . Wena uyi—yiJuda, futhi ngingowesifazane waseSamariya, Awunawo amasiko anjalo lapha, ukungibuza into enjengaleyo."

133 Bhekisisani umbuzo ubuya. "Kodwa ukuba bewazi," O Nkulunkulu, "ukuba bewazi ukuthi Ubani obukhuluma kuye, ubuyocela kiMi amanzi." [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] " . . . amanzi okuPhila, ephuphuma." Ngakho kuqubuka umbuzo mayelana nokukhonza entabeni, noma eJerusalema.

134 Wayenzani uJesu na? Manje, Wayenesidingo sokudlula ngaseSamariya, futhi Wathi Akenzanga lutho uBaba aze aMkhombise, khona-ke Wayenesidingo sokudlula ngapho, uBaba wayeMthumele phezulu lapho. Futhi akungabazeki, Wathi, kuJohane oNgcwele 5:19, "Angenzi lutho ngize Ngibone uBaba ekwenza, uBaba uyaNgikhombisa kuqala, embonweni, ukuthi ngenzeni." Bangaki abake bafunda lowomBhalo, uJohane oNgcwele 5:19 na? Ya, "Angenzi lutho ngize Ngibone uBaba ekwenza kuqala, khona-ke Ngenza nje lokho ANgibonisa ukuba ngikwenze."

135 Khona-ke Wabona lokhu kuqhubeka, futhi Ufanele ukuthi Umbonile owesifazane eza, kodwa Wadingeka ambuze, Wayezama ukuthola umoya wakhe. Niyabo? Ngakho, Wathi, yingalesosizathu Athi, "Ngiphuzise." Wayazi ngombono ukuthi kwakubukeka kanjani, owesifazane, ngakho Wayazi ukuthi wayefanele abukeke ngaleyondlela. Futhi, mhlampe, mhlawumbe izinwele zakhe ezisongelene zilenga ebusweni bakhe, futhi wayengabukeki kahle, kodwa nokho, uza ukuzokha amanzi, futhi Uqala ukukhuluma naye. Futhi Wathi . . .

136 Wathi, "Sifanele sikhonze kulentaba, no—nobaba bethu babekhonza lapha, nobaba wethu, uJakobe, niyabo, wamba umthombo." Futhi—futhi babazi ukuthi uNkulunkulu

wayenguNkulunkulu, futhi, babebheke uMesiya ukuba afike, futhi bathi, "Futhi Wena uthi eJerusalema . . . "

137 Wathi, "Ihora selifikile futhi selikhona namanje, lapho ningasoze nakhu- . . . ningakhuleki eJerusalema, noma kulentaba. Kodwa uNkulunkulu unguMoya, futhi labo abaMkhonzayo bafanele baMkhonze ngoMoya nangeQiniso." Umbuzo waqhubeka, eqhubeka, ekhuluma naye waze Wawubamba umoya wakhe.

138 Manje, ngithe ngifanele ngifakazise zonke izinto ngeZwi likaNkulunkulu. Manje, khona lapho angikwazanga ukukufakazisa lokho ngeZwi, kodwa nge . . . Uma ubunga . . . Kwakufanele kube yilokho, ngoba Wayekhuluma naye. Niyazi Wakhuluma naye, futhi Wabamba umoya wakhe, futhi Wathola ukuthi inkathazo yakhe yayikuphi. Bangaki owaziyo ukuthi yayiyini inkathazo yakhe na? Impela, wayephila . . . wayenamadoda ayisithupha.

139 Futhi Wathi, "Sifazane, hamba, ulande indoda yakho, uze lapha." Manje, bhekisisani, Uyahamba- . . . Lona nguMesiya, niyakholwa ukuthi WayenguMesiya na? "Hamba, ulande indoda yakho, uze lapha."

140 Wahamba, wathi, "Anginandoda." O, ukuphika okungenalutho kwalokho Ayekushilo!

Wathi, "Usho iqiniso. Ubunamadoda amahlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho, ngakho ukhulume iqiniso."

141 Bukani lowo wesifazane, bukani ukuthi wayazi kakhulu kangakanani ngoNkulunkulu kunalokho labobapristi abakwenzayo. Cabangani ngalokho, bazalwane. Labobapristi bathi, "UnguBelzabule, umbhuli."

142 Wathini lowo wesifazane na? Wathi, "Mnumzane, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena. Siyazi, thina maSamariya siyazi ukuthi lapho uMesiya efika, lokho kuyoba yisibonakaliso saKhe, Uyositshela lezizinto lapho uMesiya efika. Siyazi uMesiya, othiwa uKristu, Ogcotshiweyo, nxa Efika, Uyositshela lezizinto, kodwa Wena Ungubani na?"

Wathi, "NginguYe okhuluma nawe." O, he!

143 Wawisa imbiza yakhe yamanzi, wagijimela emzini wayesethi, "Wozani, nibone uMuntu ongitshele izinto engizenzile. Akuyena yini Lona impela uMesiya na?"

144 NeBhayibheli lathi, "Amadoda akulowomuzi akholwa kuYe ngenxa yezwi lowesifazane." Ngabe kunjalo, bafundisi beBhayibheli na? Ngenxa yokusho kowesifazane, baMkholwa. Lowo kwakunguJesu izolo. WaZazisa kanjalo-ke, kokubili amaJuda namaSamariya, kodwa hhayi kwabeZizwe, akukaze nakanye lokho kwenziwa phambi koweZizwe. Kodwa Waprofetha futhi wathi ngesikhathi sokuhlwa siyofika.

145 Wena uthi, “Kuphi, Mfowethu Branham na?” Kulungile, ngizoninika khona emBhalweni owodwa khona manje, njengoba sengivala, uJesu wathi, “Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.” Ngabe kunjalo na?

146 Asithathe iSodoma, sibone ukuthi Wenzani. ESodoma, uLoti wayezehlukanisile, ikholwa elisivivi, futhi wayehlele eSodoma, futhi wayezakhele udumo oluhle ezansi lapho. Kodwa u-Abrahama wahlala ngaphandle kweSodoma, futhi waphila ngokwesithembiso uNkulunkulu ayemnike sona.

147 Manje, njalo, kunezigaba ezintathu zabantu, wonke umhlangano unazo, lonke idolobha linazo, lonke ibandla linazo, lokho ngabangakholwayo, abazenzisi, namakholwa. Kunjalo impela. Bekuhlala njalo kungaleyondlela, kusenjalo nanamhlanje, yonke inhlangano yebandla, konke ukubuthana ndawonye, ngisho nalapho amadodana kaNkulunkulu enyukela phambi kukaNkulunkulu, wayelapho-ke.

148 Ngakho siyathola lapha ukuthi emfanekisweni weSodoma . . . Manje, bhekisisani ukuthi Wakusho ngokusondele kangakanani lokhu, ukuthi Wakusho kanjani, ukuthi Wakusho kanjani. Niyabo? Futhi iSodoma lalingaphambi nje kokuba kwehle uMlilo. Niyabo? Futhi yilokho okulungela ukuwa manje, uMlilo. Siyakwazi lokho. Leli yizwe elilahliwe, siyakwazi, ali—alinathemba, alinaNkulunkulu, lilahlekile, insali encane nje yabantu isilungele uHlwitho. Kuleliviki, uNkulunkulu ethanda, ngizokufakazisa lokho, izwi ngezwi. Qaphelani, singabantu abalahliwe, noma, izwe linjalo, iBandla alinjalo. Akabongwe uNkulunkulu kukhona insali.

149 Qaphelani, kodwa manje qaphelani isibonakaliso sokugcina iSodoma elasemukela. Wayekade eno-Abrahama sonke isikhathi, kodwa ngoluny’usuku, ngaphambi nje kokushiswa komuzi waseSodoma neGomora, sithola ukuthi banenqwaba yezimpendukezelo ezansi lapho. Bukani izizwe namhlanje. Niyabo? Yonke imicabango enhliziyweni yomuntu yayimibi, baze baziphendukezela bona ezindabeni zocansi, kanjalonjalo.

150 Qaphelani, kwakukhona abathathu abenyuka ukuhlangabeza u-Abrahama, babebukeka njengabantu, uthuli ezingutsheni zabo, futhi bazisho ukuthi babeyizihambi. Futhi ababili babo behla ukuyoshumayela eSodoma, bezama ukuthola abantu abayishumi. Khumbulani, behlela eSodoma, ibandla elisivivi, uBilly Graham wesimodeni, kanjalonjalo, ezansi eSodoma, beshumayela iVangeli, bephuphuthekisa abantu ngeVangeli.

151 Yilokho umvangeli uBilly Graham, no-Oral Roberts, nabaningi balawomadoda amakhulu kaNkulunkulu akwenzile, kwanyakazisa abantu, lesisizwe sinyakazisiwe. Izwe

liyazi ngakho, ngenkonzo enkulu yalamadoda anikwe nguNkulunkulu, anyakazisa izizwe ngenkonzo yawo.

152 Kodwa khumbulani, igama *ibandla* lisho ukuthi, "ababizelwe ngaphandle." U-Abrahama wayezehlukanisile nayo yonke leyonto. Ngakho, Lowo owasala ngemuva futhi wakhuluma no-Abrahama, u-Abrahama aMbiza ngokuthi, Nkosi, lowo kwakunguNkulunkulu. Ngiyazi ningahle ningavumelani nalokho, kodwa bukani ukuthi umBhalo-. . . u-Abrahama kwaba nguye okhuluma naYe, waMbiza, ngosonhlamvukazi N-k-o-s-i, Elohim, "Nkosi Nkulunkulu." Wayenzani na? U-Abrahama waMphakela inyama yethole, ubisi lwenkomazi, ibhotela, namaqebelengwane, futhi Uyakudla; futhi Wayengu-Elohim. UJesu wabhekisela kukuphi na?

153 Manje bhekisisani, izinsuku ezimbalwa ngaphambi kwalokho, uNkulunkulu wayeguqule igama lika-Abrahama, noma, u-Abrama, laba ngu-Abrahama; S-a-r-a-y-i, ku S-a-r-a, uSara, "inkosazana." U-Abrahama, wamnika ingxenye yeGama laKhe, u-*Elohim*, u-Abrahama, njengoyise wezizwe.

154 Futhi bhekisisani Lo Owahlala futhi wakhuluma naye, iNdoda, igqoke izingubo, uthuli kuzo, edla inyama njenganoma yisiphi esinye isidalwa esingumuntu, Wathi, "Abrahama, uphi umkakho, uSara na?" Bhekisisani imiBhalo.

U-Abrahama wathi, "Usethendeni emva kwaKho."

155 Wathi, "Ngizokuvakashela." Lokho kwafakazisa ukuthi Wayeyini. "Ngizokuvakashela ngokwesithembiso saMi eNgikunika sona. Ngizokuvakashela, futhi uzoba nalengane, obuyilinde iminyaka engamashumi amabili nanhlanu, unamashumi ayisishiyagalolunye, futhi usunekhulu manje, ngakho ngizokunika leyongane."

156 Futhi uSara wahleka enhliziyweni yakhe kuye uqobo, kwasho iBhayibheli, neNgelosi Ifulathele ithende. Futhi wathi, "Mina, isalukazi, ngibe nenjabulo nenkosi yami phandle lapho, nayo isindala, nayo na?"

Futhi iNgelosi Ifulathele, uNkulunkulu ebonakaliswe enyameni, yathi, "Uhlekeleni uSara, ethi phakathi kwakhe . . .?"

157 Wathini uJesu na? "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Leyonto efanayo, uNkulunkulu ebonakaliswe enyameni yabantu baKhe, hhayi iziNgelosi ezehlayo, kodwa amadoda, azelwe nguMoya kaNkulunkulu, nokuPhila okuPhakade phakathi kwesifuba sawo, enza futhi enza into efanayo iNgelosi eyayenza lapho eSodoma.

158 "Banumzane, sithanda ukubona uJesu." Uma Ephila namhlanje, futhi wayekulelibandla, Ubeyokwenza okufanayo njengoba Enza ngaleyonkathi. Futhi lokhu ngukuvalwa konyaka wabeZizwe. Umprofethi wathi, "Kuyobakhona usuku,

olungebizwe ngemini noma ubusuku, kodwa ngesikhathi sokuhlwa kuyoba ngukuKhanya."

159 Manje, ilanga, ngokomumo womhlaba, liphuma empumalanga futhi lishone entshonalanga, ilanga elifanayo. Awu, manje, ngenkathi i N-d-o-d-a-n-a yavuka kubantu basempumalanga futhi yakhombisa amandla aYo amangalisayo...Sibe nosuku, bekuwusuku olukhwantabele, olunemvula, sibe nokuKhanya okwenele saze sajoyina ibandla, sakhe izinhlangano, futhi sibe nesikhathi esikhulu, sibe ngamaKristu, semukele uKristu, kodwa lokho kuKhanya kweNdodana akukaze kuthulule kwedlule kusukela ngaleyonkathi. Kodwa lokhu ku...

160 Impucuko ihambe nelanga. Impucuko endala kunazo zonke yiShayina. Sifikile...Ihambile ivela empumalanga, iza entshonalanga nelanga, sisoGwini lwaseNtshonalanga manje. Futhi iBhayibheli lathi, umprofethi wathi, "Kuyoba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa." LeyoNdodana efanayo eyavuka empumalanga iyobe ikhanya ngamandla aYo afanayo kubantu basentshonalanga njengoba Yenza empumalanga. "Banumzane, sithanda ukubona uJesu." Kungani singakwazi na? Kungani singakwazi, ngenkathi Ekwethembisa na?

Wena uthi, "Mfowethu Branham, lelo yiBhayibheli, kodwa ngabe kuzosebenza na?"

161 Uma kuyisithembiso sikaNkulunkulu kuzosebenza, kuzofanele kusebenze. Niyakukholwa lokho na? Uma Ubengangena kulezizethameli zabantu kulobubusuku, futhi enze, futhi enze into efanayo Ayenza ngenkathi Elapha ngaleyonkathi, ukumazisa, ukukwazisa, ukuthi Ulapha, uKristu ofanayo, ubengenza into efanayo, ubungakholwa kuYe na? Phakamisani izandla zenu bese nithi, "Ngingakholwa, uma bengingakubona kwenziwa."

Asikhothamise amakhanda ethu.

162 Nkulunkulu uSomandla nonaMandla onke, siyaKubonga, O Baba oNgcwele, ngesithembiso Osiphe sona, futhi siyazi ukuthi izithembiso zaKho ziyiqiniso. Manje, ngubusuku obubi ngaphandle, kodwa ubusuku obukhazimulayo ngaphakathi, hhayi ubusuku ngaphakathi, kodwa usuku lapho iNdodana kaNkulunkulu ikhanya khona ezinhliziyweni zethu nasezimpilweni. SiyaKubonga ngamakholwa, nangoKristu Owethembisa ukuza kulamakholwa, futhi aZibonakalise, futhi akhombise kulolusuku lokugcina esizweni sabeZizwe, esikwaziyo, Baba, akukaze kube ngokomlando selokhu kwafa ibandla lasekuqaleni, kuze kube yilesisikhathi, ukuthi kanjani uPawulu oNgcwele nalabo ngezinsuku zakudala, ukuthi imibono yavela kanjani phezu kwabo, futhi benze into efanayo, u-Ananiya noSafira; noPawulu phezu kolwandle ngalobobusuku; neNgelosi yeNkosi yema ngakuye, futhi

waphuma futhi watshela abantu; nokuthi amandla amakhulu kaNkulunkulu aziwa kanjani kulelobandla lasekuqaleni, Wakwethembisa futhi ngezinsuku zokugcina.

163 Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzothethelela amaphutha enceku yaKho. Futhi manje, uMoya oNgcwele mawuphume, ngoba yiZwi laKhe, futhi Mawenze phambi kwalababantu, emva kokuba sengibatshelile, Baba, ukuthi insindiso yilokho osekuvele kwenziwe ngabo eKalvari, Ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu yilokho Owabenzela khona eKalvari.

164 Futhi ngikhuleka kuWe, Nkosi, ukuze baqonde ukuthi ngukukholwa kwabo uqobo. Futhi lapho bebona uNkulunkulu owenza isithembiso ephuma ngamandla aKhe futhi enza njengoba Enza ngaleyonkathi, bazokwazi ukuthi nguJesu ofanayo owenza isithembiso. Siphe khona, Nkosi, njengoba sizinikela kuWe, nalelibandla, ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu. EGameni likaJesu Kristu, siyakucela. Amen.

165 Manje ngizobuza ukuthi ngabe ukhona yini lapha, ofisa ukuhamba imizuzu eyishumi kuya kweyishumi nanhlanu elandelayo, ukuthi uzohamba manje, ukuze ungaphazamisi inkonzo. Manje, manje sizani ninganyakazi kusukela emva kwalokhu, niyabo, emva kwalomzuzwana, hlalani nje ezihlalweni zenu.

166 Usuku ngalunye esizoba nomkhuleko wabagulayo. . . Ngizokhuluma lokhu, ngenkathi omunye ezohamba, kodwa uma ningakwazi, hlalani eminye imizuzu eyishumi nanhlanu, ukuba nibhekisise futhi nibone uma iZwi liqinisile. Manje, noma ubani angeza, asho lokho, kodwa manje kuthatha uNkulunkulu ukukwenza kusebenze. Kunjalo. Kuthatha . . . Manje, uma . . .

167 Nsuku zonke ukuthi sinomkhuleko wabagulayo ebusuku, sizokwehla, na—nabafana bazokhipha amakhadi omkhuleko. Kuphakathi kokuthi kuzoba yindodana yami, uBilly Paul; lomfana khona lapha, uGene Goad, ongomunye wabafana bamateyipu; futhi kukhona omunye obizwa ngoLeo, uLeo Mercier; omunye walabo bafana uzokhipha amakhadi.

168 Bazosukuma phambi kwezethameli futhi baxube amakhadi ndawonye, khona-ke bazokwehla futhi bakunike ikhadi lomkhuleko. Ngakho-ke abazi ukuthi hlobo luni lwekhadi lomkhuleko abalunikeza abantu, obani abazobizelwa phezulu, obani abangeke babekhona, lokho kuyabalungisisa, futhi akekho owaziyo, futhi, ukuthi bazoqala kuphi kuze kube yilobo busuku, lapho uMoya oNgcwele ekubeka phezu kwenhliziyo yethu, nomaphi. Kusobala, lokho akuhlangene nokuphulukiswa kwabantu, kodwa kuphela ukuthola omunye umuntu lapha emsamo phambi koMoya weNkosi.

169 Bese kuthi-ke, nina eningaphandle ezethamelini ongenalo ikhadi lomkhuleko, ningakhathazeki, hlalani lapho futhi nikholwe ngayo yonke inhliziyo yenu, bhekisisani ukuthi

kwenzekani. Manje, ngethemba ukuthi nizolalela izinto engizishilo, ukuthi anizukuphinda nihambahambe.

170 Futhi, ngiyacela, ukungabikho othatha izithombe ngalesisikhathi, ngoba kuleyithi kancana, nginganitshela ukuthi KungukuKhanya, iNgelosi yeNkosi, sonke siyazi ukuthi yayiyiNsika yoMlilo, sasinesithombe saYo lapha sivela eJalimane, sivela eSwitzerland, sivela eMelika, sivela phambi kweFBI, futhi konke kufakazelwe, kunguBukhona obungaphezu kwemvelo, Kuzoba semsamo ngomzuzwana. Futhi NguMoya kaNkulunkulu ofanayo, impela. Ngakho ungathathi izithombe kusukela lapha, kusukela manje kuqhubeke, ngenkonzo, futhi nihlale phansi, futhi nihloniphe ngokuzithoba ngempela, futhi nithule, ngenkathi abantu beza.

171 Manje, ngiyakholwa. . . Ukwenzile na? Noma, Billy, ukhipha. . .? Hhe? Ini? Elokuqala kuya ekhulwini na? Awu, sekuleyithi kangaka, asizukukwazi ukubiza abaningi kakhulu. Kodwa bambani amakhadi enu. Ake sibize abambalwa babantu phezulu lapha.

172 Ubani onekhadi lomkhuleko lokuqala na? Uma ungaphakama, noma uphakamise isandla sakho. Ikhadi lomkhuleko lokuqala. Luthini u—luthini uhlamvu kulo na? U-A, A, wokuqala. Ukhona onalo na? Uzo. . .? Kufanele ukuthi kukhona okungalungile ndawondawo. Awu, sizoqala. . . O, ngiyaxolisa, kulungile. Ungeza khona lapha, nenekazi na? Elesibili. Ikhadi lomkhuleko A, elesibili. Phakamisa isandla sakho. Kulungile. Woza khona lapha, nenekazi. Elesithathu, ungasiphakamisa isandla sakho na? Kulungile, elesithathu. Ngabe ngikubonile na? Ya, emuva le. Elesine, ungasiphakamisa isandla sakho na? Emuva le, kulungile. Inombolo. . .

173 Awu, uwanikeza noma yikuphi endlini, noma ubani owafunayo. Elesihlanu. Ungasiphakamisa isandla sakho, noma ubani onekhadi lomkhuleko lesihlanu na? Kulungile. Elesithupha, ungasiphakamisa isandla sakho na? Phakamisa isandla sakho ukuze ngibone. Kulungile, mnumzane, khona lapha. Elesikhombisa, elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye. Njengoba ngikubiza dlula. . . Inombolo yeshumi. Lokho kuhle.

174 Niyabo, lena kungahle kube yinkundla yebhasketbholi, inkundla yezemidlalo, kodwa akusiyo inkundla kulobubusuku, yindlu yokukhonzela kaNkulunkulu. Niyabo? Ngakho sifanele sibe nenhlonipho yokuzithoba nezinhlonipho kuMoya oNgcwele. Owokuqala, owesibili, owesithathu, owesine, owesihlanu, owesithupha, owesikhombisa, owesishiyagalombili, owesishiyagalolunye. Eleshumi. Ubani onekhadi lomkhuleko leshumi na? Kulungile, nenekazi. Eleshumi nanye. Kulungile. Eleshumi nambili. Eleshumi nambili, ishumi nantathu, ishumi nane, ishumi nane, ishumi nane, ishumi nane na? Awu, lokho

kwanele. Asi—asiqale khona lapho. Manje, noma ngabe ubani onamakhadi, bamba, abambe nje, azobizwa.

175 Manje, ngicabanga ukuthi amaphesente angamashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalolunye alezizethameli a, mhlampe, izihambi kimi. Wonke lowo okulezizethameli oyizihambi kimi, phakamisani izandla zenu. Niyabo? Ngiqagele lapha cishe amaphesenti ayikhulu. Kulungile.

176 Bangaki phakathi lapha ongenalo ikhadi lomkhuleko, futhi uyagula, futhi ufuna uNkulunkulu akuphulukise, awunalo ikhadi lomkhuleko, futhi ngiyisihambi kuwe, phakamisa izandla zakho, yonke indawo esakhiweni, angikhathali ukuthi ukuphi. Awu, lokho nje kuthi akujwayeleke, yonke indawo. Kulungile.

177 Manje, ngenkathi besamisa abantu umugqa, ngithanda ukusho okuthile kini. Ngesinye isikhathi uJesu wayewela ukuyovusa encane, intombazane efile, indodakazi kaJayiru, futhi kwakukhona owesifazane owayenomopho, futhi wathi phakathi kwenhliziyo yakhe, "Ngiyakholwa ukuthi UnguMesiya, ngakho uma nje ngingathinta umphetho wengubo yaKhe, umphetho wengubo yaKhe, ngizosinda." Bangaki abake bayifunda leyondaba na? Impela. Futhi wathinta ingubo yaKhe, ngoba yilokho ayefuna ukukwenza. WaMkholwa, wayengakaze aMbone ngaphambilini, kodwa waMkholwa, wathi nje angaMbona, waMkholwa.

178 Ngakho manje-ke, wathinta ingubo yaKhe. Manje, Wayengeke akuzwe ngokwenyama. Ingubo yasePalestine iyaxega, futhi inengubo yangaphansi, futhi khona-ke Wayengeke akuzwe lokho. Nowesifazane omncane wathinta ingubo yaKhe, wonke umuntu wayexhawulana naYe, kanjalonjalo, futhi eMgona. Futhi ngakho, Wathi-ke, waphumela ezethamelini wayesehlala phansi, kumbe noma kwakuyini, futhi wathi . . . Wathi, "Ubani oNgithintile na?"

Futhi uPetru waMkhuza, wathi, "Nkosi, Uyisholoni into enjengaleyo na?" Wathi, "Wonke umuntu uyaKuthinta."

179 Wathi, "Kodwa Ngiyabona ukuthi Ngibe buthakathaka." IKing James ithi *amandla*, okungukuthi, *amandla* nguku "qina." "Ngiyabona ukuthi amandla aphumile kiMi." Futhi Wabuka kuzo zonke izethameli waze Wathola owesifazane omncane, futhi wamtshela ukuthi wayenomopho, nokukholwa kwakhe kwakumsindisile. Ngabe kunjalo na?

180 Awu manje, kinina bantu, aninalo ikhadi lomkhuleko, uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, Ubengeke enze ngendlela efanayo namhlanje uma uMthintile na? Ngabe kunjalo na?

181 Manje, bangaki . . .? Nina befundisi lapha niyakwazi lokhu, nani befundisi, nani bafundi beBhayibheli phandle lapho, ukuthi iBhayibheli lasho ukuthi uJesu Kristu, khona manje, ungumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Ngabe kunjalo na? Khona manje, UngumPristi oMkhulu. Ngabe

kunjalo, bazalwane na? Awu, uma EngumPristi oMkhulu ofanayo Ayenguye ngaleyonkathi, Ubeyokwenza kanjani manje na? Uma EngumPristi oMkhulu ofanayo Ayenguye ngaleyonkathi, Ubeyokwenza ngendlela efanayo. Ngabe kunjalo na? Ngoba UngumPristi oMkhulu ofanayo, UnguNkulunkulu, Angeguquke, Angehluke kulokho Ayeyikho.

182 Uma E—uma Ededela lelibandla labeZizwe ledlule ngaphandle kokuba nalesosibonakaliso sobuMesiya esifanayo, khona-ke Wabenzela okuthile, amaSamariya, namaJuda, lokho Angakwenzanga kithi, ngakho lokho bekuyoba ukungabi nabulungiswa. Abakwazanga ukuqeda esayenseni yezenkolo, babefanele babe nesikhathi sokulahla isayense yabo yezenkolo, ukuletha iZwi likaNkulunkulu libonakaliswe kubo enyameni, futhi lenza kanjalo nebandla labeZizwe elikutholayo manje.

183 Manje, ngiyacela, ngiyacela futhi, ninga—ningahambahambi, ngiyacela. Niyabo? UMoya oNgcwele unamahloni njengoba Ungaba njalo. Futhi ngezinye izikhathi lapho uhamba, uyabo, ungumoya, ungumphefumulo, khona-ke lapho unyakaza, lokho kuyaphazamisa, niyabo. Hlalani nje nithule ngempela, nihloniphe ngokuzithoba. Manje, emva kokuba sekwenziwe okuthile, uma uMoya oNgcwele wenza okuthize, ufuna ukuthi, "Mayibongwe iNkosi," kulungile, kodwa lapho ungena ekuxhumaneni noMoya kaNkulunkulu, thula ngempela. Hlala nje emkhulekweni.

184 Nawe khona lapho ongenalo ikhadi lomkhuleko, shono lokhu: "Nkosi Jesu, ngiyazi ukuthi lowomuntu akangazi, futhi ngiyazi ukuthi ungumuntu nje, kodwa ngiyakholwa ukuthi UnguNkulunkulu. Futhi ngiyakholwa . . . Ufundile umBhalo, wangitshela iqiniso, ngakho-ke ngiyagula futhi ngiyadinga, mangiKuthinte, Baba." Thola ukuthi kwenzekani. Uthi, "Manje, Wena khuluma ngaye, ungumlomo nje." Bukani, lombhobho uyisimungulu kuze kukhulume into ethize kuwo, nami bengingaba njalo, angazi noyedwa kini.

185 Manje, wonke umuntu kulowomugqa womkhuleko owaziyo ukuthi angazi lutho ngawe, phakamisani izandla zenu, nonke ngalapho, uyazi ukuthi angazi lutho ngawe. Niyabo? Futhi nazi izandla zami, ngiyazi, angikaze ngibabone labobantu ngaphambilini empilweni yami, njengoba ngazi. Akukho-muntu ngalapho, engake ngambona. Angikwazi ukubona umuntu esakhiweni engimaziyo, ngaphandle uma lona ngumngani wami olungileyo uMfowethu Skaggs waseChicago, ohlezi ngale kulokhu . . . Ngabe nguwe, Mfowethu Skaggs na? Bengicabanga ukuthi bekulapho. Futhi ngiyazi ukuthi kukhona uMfowethu Fred Sothmann, ngikholwa ukuthi ukhona lapha ndawondawo esakhiweni. Futhi mhlampe, uTom Simpson, ngiyacabanga, ulapha ndawondawo esakhiweni. Angazi. Ukuphi na? Ukhona, Mfowethu Fred noMfowethu Tom na? Ngibone imoto yabo phandle . . . Ya, ikhona lapha, emuva le ngemuva. Kulungile.

Manje, hloniphani ngokuzithoba ngempela. Kulungile, i... Manje, uma abantu bethi ukukhandleka kancane, banike isihlalo.

Yenyukela lapha nje, nenekazi.

186 Manje, *Nanti* iZwi. Bangaki okholwayo ukuthi nginifundele, futhi ngashumayela kini iZwi likaNkulunkulu, isithembiso sikaNkulunkulu na? Manje, *Nanti* iZwi likaNkulunkulu. Manje, nangu umuntu engingakaze ngimbone ngaphambilini, ngabe kuzosebenza na? Kuzoba njalo uma ekholwa, futhi ngiyakholwa, futhi ngingazinikela kuNkulunkulu, ngokungathi ngesiphiwo, futhi ngiMdedele, ngivele ngizisuse, futhi ngiMdedele akhulume. Ngakho uma kukhona noma yini eyenziwe, njengoba bekungaba yiNkosi uJesu, bekunga ha-...ubuyokwazi ukuthi kufanele kube nguMoya.

187 Manje, ake sithathe, njengoba nje bengicaphuna emizuzwini embalwa edlule, uJohane oNgcwele 4, nanti inenekazi nendoda ongakaze bahlangane ngaphambili, manje, ngokuba yizihambi komunye nomunye, futhi nje usesimweni esincane esibonakala yonke indawo njengoba bengikhuluma ngakho. Manje, uJohane oNgcwele 4, uJesu wahlangana nowesifazane waseSamariya, futhi Wakhuluma naye isikhashanyana, waze Wabamba umoya wakhe wase-ke emtshela, inkathazo yakhe.

188 Futhi manje, uma Engenza leyonto efanayo kini kulobubusuku, azi ukuthi angikwazi, niyabo, noNkulunkulu uyakwazi, futhi awungazi, noma ngaphandle uma nje ungazi ngegama, noma okuthize, kodwa uma—uma Ubengenza into efanayo, bekungakwenza ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho na? [Udade uthi, "Amen."—Umhl.] Kuzokwenza.

Bekungenza izethameli zikholwe ngayo yonke inhliziyo yazo na?

Manje, wonke umphefumulo phakathi lapha, uphansi kokulawula kukaMoya oNgcwele, eGameni likaJesu Kristu.

189 Futhi noma ngabe ubani okhona, unjiniyela kulemibhobho, uma iphimbo lami liba phansi, ngoba angazi ukuthi ngithini, uma lehla, linyuse, ukuze izethameli zizwe.

Manje, hloniphani ngokuzithoba ngempela futhi nithule, sisakhuluma nowesifazane umzuzwana nje.

Uma nizoma khona ngaphesheya lapha, ukuze ngizoqiniseka ukuthi bayakuzwa. Ngaphesheya nje...

190 Manje, iNkosi yethu, ngenkathi Ifika kowesifazane waseSamariya, Yathi Yayiswelekile ukuba idlule eSamariya, ukuyobona owesifazane. Futhi, kusobala, uNkulunkulu, uBaba, wayeMthumele phezulu lapho. Futhi Wahlangana nowesifazane, futhi Wayengazi lutho ngaye, Akazange ambone owesifazane empilweni yaKhe, wayengakaze aMbone, kodwa

nokho, Wadingeka anikeze lowo wesifazane ongumSamariya isibonakaliso esifanayo Asinika iJuda.

191 Futhi manje usungowesifazane wabeZizwe. Niyabo? Manje, Uzofanele abe nguJesu ofanayo, izolo, namuhla, phakade. Ngabe kunjalo na? Manje, uma Ubengenza into ethize enjengaleyo, uyazi-ke ukuthi kuzofanele kuvele komunye uMoya, uyazi ukuthi kuzofanele kube nguMoya. Manje, ubungathatha uhlangothi lwabaFarisi, inkolo yangalolosuku, futhi uthi kwakungudeveli, khona-ke lokho kukuwe noNkulunkulu. Kodwa uma ubungathi bekunguKristu, khona-ke wemukela umvuzo waKhe.

192 Manje, uma uMoya oNgcwele uzongitshela, manje ngithi, uma bengingeza lapha futhi ngithi, "Dadewethu, nginesiphiwo sokuphulukisa." Ngibeka izandla zami phezu kwakho, bese ngithi, "Udumo kuNkulunkulu, iBhayibheli lithi, 'Lezizibonakaliso ziyakubalandela, kholwani, nibeke izandla phezu kwabagulayo, bayakusinda.'" Lelo yiqiniso. Awu, ubungahamba ukukholwe lokho, lokho bekungalunga.

193 Kodwa nokho, kungabakhona isimanga esincane engqondweni yakho, "Angazi noma lokho kuyiqiniso yini, ngoba iBhayibheli lathi, 'Uma ekhona phakathi kwenu, ongowomoya, noma umprofethi, akushoyo kufezeka, khona-ke muzweni, kodwa uma kungenzeki, khona-ke ningamuzwa.'"

194 Manje, elamanqamu lilapha manje: Ngabe ngikhulume iqiniso na? Ngabe lelo yiZwi likaNkulunkulu na? Ngabe leso yisithembiso sikaNkulunkulu na? Uma kunjalo, khona-ke Uzolenza libonakale.

195 Manje, owesifazane uyazi ukuthi useBukhoneni boMuntu othize ngaphandle kowesilisa, omnandi ngempela, umuzwa othobekile. Ngabe kunjalo na? Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho nje, ukuze i au- . . . Phakathi kwami nowesifazane yilowoMoya kaKristu, lokho kuKhanya. Owesifazane ulapha ukuba akhulekelwe, ngenxa yesimo sokwethuka, unesimo esinzima ngempela semizwa. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Uyakholwa na?

196 Ekugcineni, angikaze ngibubone ubusuku bokuqala ngaphandle kwalokho okuzokwenza lokho. Omunye umuntu enhliziyweni yakho, ungacabangi ukuthi ungayifihla imicabango yakho manje, ngoba ungeke, uthe ngikuqagelile lokho. Angizange. Nje i, ukuba nginikhuze, ukuze nazi, sizobona uma kunjalo, noma qha. Niyabo? Ngaso sonke isikhathi, ubusuku bokuqala, lapho kushiwo okuthile . . . Manje, khona manje, angikwazanga ukukutshela ukuthi ngitheni kowesifazane, kodwa ukuze wazi ukuthi nguMoya kaNkulunkulu, futhi hhayi lokho okucabangayo, lokhu kuzoba ukusola okusobala kuwe!

197 Ungumuntu olungileyo, umuntu onomoya omuhle, kodwa manje, yebo, nakhu kufika futhi. Owesifazane uyasuka kimi, futhi u—ukhathazwa yisimo sokwethuka, nenkathazo yamathumbu. Yiqiniso lelo.

198 Ake nginikhombise noma niyakholwa ukuthi ngiyi... inceku yeNkosi, noma qha. Lowo wesifazane ohlezi khona lapho ekugcineni kwesihlalo ukhathazwa yinkathazo yamathumbu, naye. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho, nenekazi. Kunjalo. A-hha. Niyababona labodeveli bezama ukuzedlulela ngakho na? Abakwazi ukukwenza. Konke sekuphelile ngawe, nenekazi.

199 Unenkathazo yesisu, yiqiniso, isisu esinokwethuka. Lapha, ukuze wazi, kholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu, ngimi lapha ngaphansi kwalolugcobo, umyeni wakho, ulapha, naye, unesisu esinokwethuka futhi. Awusuye owakulelizwe, noma lelidolobha, ungowaseKansas. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakwazi ukuthi ungubani na? UNkk. Walton. Manje buyela ekhaya, usuphulukisiwe, wena nomyeni wakho, futhi. Ungaya ekhaya futhi uphiliswe, eGameni likaJesu Kristu.

Manje, niyakholwa manje na? Bengingakuqagela lokho na? Noma ngabe kuyini na?

Asikhothamise amakhanda ethu nje ekukhonzeni.

200 Baba wethu waseZulwini, siyaKubonga, phakathi kwalo lonke uhlobo lwento Usalokhu ungena emagagasini, UnguNkulunkulu, Awehluleki neze. Ngikhulekela ukuthi Uzobusisa labantu manje. Amen.

201 Kulungile, nenekazi lapha. Uyakholwa ukuthi lezizinto ezenzekayo kuvela kuMoya kaNkulunkulu, uyakholwa, nenekazi na? Khona-ke thina, siyizihambi komunye nomunye, khona-ke uma into ethize ibingenze-...ifanele yenzeke, lokho bekuzofanele kungazise okuthile ngawe. Futhi uma uNkulunkulu engasho ukuthi ubuyini, impela Angasho ukuthi uyoba yini. Uma Azi u—uma Azi okwedlule, Wazi ikusasa, lokho kukwenza kufakazise ukuthi nguNkulunkulu. Futhi uyazi ukuthi bengingeke ngazi lutho ngalokho, ngoba ngingumuntu nje lapha, umfowenu. Kunjalo.

202 Nginokukholwa okukhulu ezethamelini kulobubusuku, kwasekuqaleni nje. Kwasuka kimi futhi kwaya ngasezethamelini.

203 Ubujabule kakhulu ngokuphulukiswa kwakho emizuzwaneni embalwa edlule, wabeka isandla sakho phezu kwalowo wesifazane, ohlezi eduze kwakho, yebo, nalesosimila esifubeni sakho. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Ngabe ngiyisihambi kuwe na? Vayizelisa isandla sakho emuva naphambili.

204 Ngifuna ukunibuza okuthize. Uthinteni na? Uqhele ngamafidi angamashumi amabili kimi. Wenzeni na? Uthinte umPristi oMkhulu. Niyabona ukuthi uNkulunkulu usaphila na? UyiNkosi uJesu ofanayo. Kholwa nje. UNkulunkulu akubusise.

205 Ngingakhuluma kuphela njengoba Kukhuluma ngami. Ngifanele, noma ngabe kuyaphi, ngifanele ngihambe nakho, uku. . . Niyabo?

206 Unethumba ebeleni, unenkathazo yesisu, futhi. Futhi, unomuntu lapha ogulayo, futhi, umyeni wakho. Une, ungumshumayeli, futhi unesisu esinokwethuka. Nkk. Suey, buyela ekhaya futhi uphiliswe, nobabili, futhi niphulukiswe eGameni likaJesu Kristu.

207 Yiba nokukholwa, ungangabazi, kholwa nje. Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu. . . ? "Banumzane, sithanda ukubona uJesu." Lowo nguYe. Niyabo? Lowo yi—lowo yiNkosi uJesu. Manje, ufanele uthi Kuyi*nto ethize*, uyakwazi lokho. Lababantu nezandla zabo ziphakeme phambi kukaNkulunkulu, asikaze sihlangane, kodwa nguMoya waKhe owenza lezizinto. Yiba nokukholwa nje.

208 Uyilo inenekazi manje na? Siyizihambi omunye komunye, ngiyethemba, kodwa iNkosi uJesu iyasazi sobabili. Kodwa uma Engembula kimi okuthize ngawe, owaziyo ukuthi angazi, bekungakukhuthaza ukuba kukwenze ube nokukholwa ukuba ukholwe na?

209 Niyabona ukuthi Kwenzani kimi, Kungenza ngibe buthakathaka kakhulu ukuthi angikwazi nokusukuma, siyakuqonda lokho. Ngineqiniso ukuthi izethameli ziyakuqonda lokho, nazo. Bangaki owaziyo ukuthi lokho. . . ? Uma umbono owodwa wenza iNkosi yethu izwe amandla ephuma kuYo, iNdodana kaNkulunkulu, bekungenzani kimi, isoni, esisindiswe ngomusa na? Ngoba Wathi, "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza, *eminingi* kunalo niyakuyenza." Manje, ngiyazi iKing James ino*kukhulu*, kodwa yehlela ehumushweni lasekuqaleni, niyabo. Ubungakwenza kanjani okukhulu na? Wamisa imvelo, wavusa abafileyo, wenza konke okwakungenziwa, kodwa *okuningi*, ngoba Wayengaba seBandleni laKhe emhlabeni wonke. Niyabo? "Eminingi kunale niyakuyenza." Kungumusa waKhe.

210 Ulapha ngomunye umuntu, leyo yindodakazi. Ucabanga ukuthi uKristu angangitshela ukuthi yini inkathazo yakhe na? Ngamehlo akhe. Kunjalo, akunjalo na? Uyakholwa ukuthi bazosinda manje na? Uxhumane neNto ethize, awuxhumananga na? UyaKukholwa ukuthi kuyiNkosi uJesu na? Uma Ezongitshela ukuthi ungubani, njengoba Enza kumphostoli okhuphukayo, ubunga. . . ukwenza ube nenqwaba yokukholwa ukuba uMkholwe na? Awu, Nkk. Nickels, buyela ekhaya, kholwa manje, uJesu Kristu uzophulukisa futhi asindise.

Niyakholwa, wonke umuntu na? Ngicela ningambahambi. Ngicela ningahambahambi, ngiyacela.

211 Angikwazi. Angikaze, angikaze ngikubone empilweni yami, kodwa uKristu uyakwazi. Uma Ezongichazela ukuthi yini oyizele lapha, noma, kungahle kube ezezimali, ezasekhaya, kungahle kube ukugula, insindiso; angazi, ngingumuntu nje omi lapha, thina sihlangana okokuqala empilweni.

212 Into eyodwa, unokwethuka ngempela. Kunjalo. Futhi ngiyakubona uzama ukusuka embhedeni, kancane ngempela. Unesifo samathambo. Kunjalo. Bese kuthi-ke, unomubi, umthelela omubi ovela ekuhlinzweni obenakho. Kunjalo. Bekungukuhlinzwa kwenyongo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Niyakholwa manje na? Khona-ke hamba, njengoba ukholiwe, kuzoba njalo kuwe.

Uma ngikutshele ukuthi uNkulunkulu waphulukisa isifo samathambo, ubungakholwa ukuthi bekuqonde wena na? Khona-ke qhubeka nje ubonga uNkulunkulu, uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi.”

Uma ngikutshele ukuthi uNkulunkulu uphulukise enkathazweni yokushodelwa yigazi, ubungakholwa ukuthi Uzokuphulukisa na? Qhubeka nje ubonga uNkulunkulu, ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

Niyakholwa ngazo zonke izinhliziyo zenu, wonke umuntu, nganhliziyonye na?

213 Ukuba-ke bengingashongo nelilodwa izwi kuwe, ngabeka izandla nje phezu kwakho, ubungakholwa na? Kulungile, mnumzane. Dlula, futhi eGameni leNkosi uJesu, hamba futhi uphiliswe, hamba. Ungangabazi, ha-. . .

214 Ngicela ningahambahambi. Niyabo, kuyawudabukisa uMoya kimi, futhi nje angikwazi ukuKubamba. Niyabo? Ngiyacela, ngiyacela, nginicela ngomusa, njengomfowethu ongumKristu. Ngibuzile ukuthi beningakholwa yini, “Ngicela ningahlali esakhiweni.” Kuyingozi kuwe ukuhlala empeleni. Niyabo? Yiba nokukholwa nje. Ungangabazi.

215 Uma ngibeke izandla phezu kwakho, ubungakholwa ukuthi uzosinda na? [Umfowethu uthi, “Yebo, mnumzane.”—Umhl.] Woza lapha. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi umfowethu angaphulukiswa.

216 Woza. Noma ngabe ngikutshelile inkathazo yakho noma qha, ubungangikholwa njengomprofethi waKhe, noma, inceku yaKhe na? Awu, inkathazo yakho yeqolo isiphelile. Hamba, futhi ukholwe manje. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

217 Woza, nenekazi. Uma ngingashongo nelilodwa izwi kuwe, kodwa nje ngabeka izandla phezu kwakho, ubungakholwa noma kanjani na? Awu, ngifuna ukukutshela, ngenkathi usemgqeni, umi ezansi lapho, wangena emgqeni, uyibonile leyonto yokuqala

yenzeka, inkathazo yenhliziyo ikushiyile, ngakho ungaya ekhaya manje. Yebo, mnumzane.

Uhamba ngokwehlukile selokhu ungene lapho, awuzange na? Isifo samathambo sikushiye emgqeni, ngakho hamba nje ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

218 Dadewethu, kusobala, enye yezinto ezinkulu engalungile ngawe, sonke siyazi, kodwa lena yinto eyodwa, kukhona cishe amaphesente angamashumi ayisishiyagalolunye-nanhlanu alezizethameli eziphethwe yinto efanayo, isimo sokwethuka. Unokwethuka ngempela, akunjalo na? Ake nginikhombise ukuthi kuyoba nzima kanjani ukubabiza. Wonke umuntu ehlushwa isimo sokwethuka, phakamisani izandla zenu, laphaya. Niyabo? Niyabona lapho na? Uzamile ukuthola indawo yokuqala, bakutshelile, hlakanipha, USathane wakutshela ukuthi wawuzolahlekelwa yingqondo yakho, nazo zonke lezizinto, kodwa kungamanga. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? [Udade uthi, "Ngiyakholwa."—Umhl.] Khona-ke kusukela khona lapha, eGameni likaJesu Kristu, hamba, futhi usinde ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu.

Uma ukholwa!

219 Leyondoda kade ihlezi lapho ikhala izinyembezi isikhashana, ingibuka, unenkathazo esifubeni. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uSomandla uzokusindisa na? Uma ukukholwa, ungaba nakho, mnumzane. Phakamisa izandla zakho, kwemukele, uye ekhaya, futhi uphiliswe.

Isifo sakho samathambo sesiphelile. Hamba uye ekhaya, futhi uphiliswe eGameni likaJesu Kristu. UNkulunkulu akubusise.

220 Inenekazi livele nje laphakamisa isandla salo, lapho, lasibeka ngemuva kwekhanda lalo, linenkathazo yesikhumba, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Unalo ikhadi lomkhuleko na? Awunjalo na? Awulidingi, uphulukisiwe noma kanjani. UJesu Kristu uyakuphilisa futhi uyakusindisa.

221 Ngabe ningamakholwa, ngamunye wenu phandle lapho manje, nikholwa ngesizotha eNdodaneni kaNkulunkulu na? Uyakholwa ukuthi NguMoya waKhe lapha na? Futhi uma Ekwenza lokho, egcina iZwi laKhe . . . Wena uthi, "Mfowethu Branham, ubungangiphulukisa na?" Qhabo, angikwazi ukukwenza, Usevele ukwenzile. Niyabo? Yinto ethize Ayenzile. Ulapha nje, U . . . Ukuba Ubemi lapha egqoke lesudu, Ubengeke akuphulukise, ngoba Usevele ukwenzile, Uyothi, "Ungeke ukukholwe na?" Uzazisa Yena nje ukuthi Ulapha. Bangaki okukholwayo ngayo yonke inhliziyo yakho na?

222 Manje, ngizoninika okuthize ukuba nikwenze ukuze wonke umuntu lapha uzophulukiswa. Mangaki amakholwa, othi abekhona na? Phakamisani izandla zenu, nxazonke, ndawo zonke. UJesu wathi, umyalo waKhe wokugcina

eBandleni laKhe, umyalo waKhe wokuqala wawungukuthi, "Hambani niphulukise abagulayo, nivuse abafileyo, nikhiphe amademoni," ukuthuma kwaKhe kokugcina kwakungukuthi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo, ngeGama laMi bayakukhipha amademoni, bakhulume ngezilimi ezintsha. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda." Ngabe kunjalo na?

223 Manje, ngamunye wenu njengamakholwa, beka isandla sakho phezu komunye oseduze kwakho. Vele ubeke isandla sakho noma ngabe ukuphi, beka nje isandla sakho, uma uyikholwa. Unelungelo nje impela ukuba ubeke izandla zakho phezu komunye nomunye, njengoba kwenza noma ubani omunye.

224 Manje, ungazikhulekeli wena, ngoba umuntu obeke izandla zakho kuye uyakukhulekela. Khulekela umuntu oseduze, bazobe bekukhulekela. Futhi ngizonikhulekela ngikulomsamo, noNkulunkulu waseZulwini, Owavusa uJesu kwabafileyo, futhi waMenza waphila kuze kube phakade, Ulapha kulobubusuku, ukugcwalisa lonke iZwi Alisho. NguBukhona baKhe.

225 Manje, khothamisa ikhanda lakho ngenkathi ngikukhulekela. Futhi nje kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho ukuthi uNkulunkulu uzowuzwa umkhuleko wami. Impela niyaqonda ukuthi akusimina, nguMoya oNgcwele manje ofakazise ukuthi iZwi likaNkulunkulu liqinisile.

226 Ngaphambi nje kokuba sikhuleke, namakhanda enu ekhotheme, uma ekhona ongakholwayo, obenjalo, phakathi lapha, futhi manje yikholwa, ungama ngezinyawo zakho ukuba waziwe emkhulekweni, sisakhuleka na? Umuntu ofuna ukwemukela uKristu njengoMsindisi oqondene naye, ungama ngezinyawo zakho ukuba ukhunjulwe emkhulekweni njengamanje, ngenkathi useseBukhoneni baKhe bobuNkulunkulu na? Bangabakhona labo lapha, abangathanda ukuMemukela khona manje, beningama ngezinyawo zenu na?

227 "OyoNgifakazela phambi kwabantu, yena Ngiyakufakaza phambi kukaBaba waMi, neziNgelosi ezingcwele."

228 Sukuma njengamanje, futhi uthi, "Ngizomemukela uJesu Kristu njengoMsindisi waMi. Wena ulapha, futhi ngiyakwazi, kodwa, yena ukwambulile Wena kimi." Kodwa ungethembeli ebulungwini bebandla lakho, ngoba akulungile. Ufanele wemukele uMoya oNgcwele, kungenjalo usuphelile. Manje, khumbulani, Akusimina, NguMoya oNgcwele ofezekisa iZwi laKhe. Ngakho uma ufisa ukuma, yima manje, sisakhuleka.

229 Baba wethu waseZulwini, leli ngamahora okuvala omlando walelizwe. Siyazi ukuthi alikho ikhambi elisele, ukuFika kweNdodana kaNkulunkulu sekuseduze. Wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Sibona amabhomu e-athomu

namabhomu ehayidrojini, nazo zonke izizwe ezincane, zilindele nje umuntu othize ukuba adedele oyedwa, khona-ke phakathi nomoya, ngaleya, njenge—ilanga liphuma livuleka, lomhlaba uzohamba. Kodwa ngaphambi kokuba lokho kwenzeke... Futhi siyazi ukuthi bekungaba ngaphambi kokusa, bekungaba noma ngamuphi umzuzu. Njengoba usosayense wethu esitshela, sekukudala, imizuzu emithathu kuze kube phakathi nobusuku. Kodwa siyazi ukuthi isandla sikaNkulunkulu simisile isikhathi, ukulinda, ukubekezela nje, njengoba Wayenjalo ngezinsuku zikaNowa.

230 Futhi manje, Uyifakazisile into yaKho yokugcina Owathi Uyoyenza ngaphambi nje kokuba iSodoma lishiswe, masinyane emva kokuba lesosibonakaliso sesiphelile, iSodoma lasha. Nkulunkulu, sekuthi akuphele nje. Kodwa Munye kuphela Ongadonsa izinhliziyo zabantu, Wena wathi, "Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi kuqala." Abaningi bayobona, futhi bezwe, futhi njalonjalo bahambe ebumnyameni, bemiselwe kulokhu ukulahlwa, njengoba kwasho iNcwadi kaJuda. Izingqondo eziphendukezelwe, imiphefumulo ezulazulayo njengezinkanyezi ezilahlekile, amagagasi olwandle adlangayo, bekhihliza ihlazo labo lokungakholwa.

231 Ukwazi, kulobubusuku, ukuthi simi eBukhoneni bukaMoya oNgcwele omkhulu, Owaletha iZwi, Owaloba iZwi, Oqinisa iZwi, futhi uletha uBukhona baKhe uQobo, ukugcwalisa iZwi Alethembisile, ngikhulekela lamakholwa, anezandla zawo phezu komunye nomunye, ngikhuleka ngayo yonke inhliziyo yami ukuthi Uzophulukisa imizimba yabo egulayo, ukhiphe yonke imimoya emibi.

232 Sathane, wehluliwe yi—yimpi, ungumuntu ohluliwe, awusenamalungelo nhlobo.

233 INkosi yethu uJesu yafa eKalvari, nangeGazi laYo elingcwele, elimsulwa, iGazi likaNkulunkulu uSomandla elaphulwa eKalvari, Wahlenga isintu, Nkosi. Futhi Wamehlula uSathane ngaleloGazi elifanayo, wamhlubula onke amandla ayenawo. Futhi Uyaphila kulobubusuku, lapha eBloomington, e-Illinois, kulenkundla yebhola yasekolishi, Ulapha kulobubusuku, uphila phakathi kwabantu baKho, Uzifakazisa, ukuthi Unguwe izolo, namuhla, naphakade, noSathane uyakwazi lokho, uyazi ukuthi ihora lakhe selisondele.

234 Sathane, ngiyakuyala ngoNkulunkulu ophilayo, sibiza ukukhohlisa kwakho, ungeke usakwazi ukubabamba lababantu abagulayo, phuma kubo, eGameni likaJesu Kristu, suka kubo futhi bashiye phansi! INkosi uNkulunkulu waseZulwini iyakukhuza, Sathane! Ungeke waba namandla, uJesu uphezu kwakho, Ususe amandla kuwe, Wahlenga isintu sabuyela kuYe uqobo. Phuma, ngiyakuyala, ngoNkulunkulu ophilayo, ukuthi usuke kulababantu!

235 Manje, njengoba nibeke izandla zenu phezu komunye nomunye, indlela okhuleka ngayo ebandleni lakho uqobo, beka izandla zakho phezu komunye oseduze kwakho, futhi ubakhulekele, khuleka ngendlela nje owenza ngayo ebandleni lakho. Bekani izandla zenu phezu komunye umuntu, futhi nikhulekelane. Futhi lapho uzwa ukukholwa kukaNkulunkulu ophilayo, Okhona manje, kuthululeka phansi emphefumulweni wakho ukukwenza ikholwa, khona-ke sukuma eGameni likaJesu Kristu, futhi ubize ukuphulukiswa kwakho ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu.

